2b

## Origin of clan and other names. K13/27 18

### Qondani Loku.

Magama ebanu awacambwa nge lulimi lwekutekela. Acambwa wona emiswe nje, imvama. Ngoba lelulimi belulahliwe, kwathi kokuba kufike befunjisi, baconja sizulu. Basebethi lolulimi yilulimi lwemahhedeni. Alungeni eZulwini njengetijwaba tiyisono. Ngako ke, imvama yemagama asecambwa ngesizulu. Kojwa lulimi luhulumwe emahaya mangabe sokuphumiwe esonteni.

Kube sokuthi futhi mangabe ingane seyifundisiwe isiku Three noma uFour, ingabe isatekela ehaya ngoba itohlekwa esikoleni yibonanga bayo bathi kani iseyiliqaba isatekela.

Yikona lokweda magama ebanu nibone ngiwabale sizulu njena, kojwa ngiwachade ngesilala.

H.V. Mhlongo.

15 Magama ebanu netincadelo tawo.

Cele. Tshaka wayelinga tikhulu tahe. Kwembiwa usele. Yena wema ngale kwawo. Watibita, watshi atite kuyena. Teta, Teca wona usele lona teta eyosini itibita. Lemwe injoda yayamba eceleni ayate yeca yona. Tshaka wayesethi kuletikhulu, lomunu uCele ngoba uyambe eceleni awecanga usele wamieta kumina.

Ndosi. Watalwa kaje kuphume incina Cele egwate libubesi. Kuthe laha besababata tinjosi talo, levakala livi lithi iyosikati yaQele itele ufwana. Wayesethi Qele, ene, lowo fwana wami utoba uNdosi.

16 Khumbuza. Ndosi wahlalwa kuTshaka kwebutshi ene wefuye bonyoni kayiphumuli betomo. Uteja iyosi, yatshi iyosi itombulala. Weva ceje wachuba mashumi lamabili aletomo letihlophe watipha iyosi.

Babuye baphinja ngamdlange kubeletha ufati bayomotha bathi ugqwalise sigodlo setinombi. Utishaya iyosi. Waye seyihlomisa Tshaka iya kovimbetela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

16 Base bemhlebela bethi, khumbula nakucala wasinja ngekulambisa. Wafa wena. Kwatshi kusa wayewela luthukela nebafati netingane neyomo yekutisengela tingane neyayinebele lelingaka! Kungemasi kuyona.

Lengane kwase kutshiwa wuKhumbuza.

17 Nkomisengwilele. Lonwanwa watalwa macele esaphuma kaMalandela. Esaluwela luthukela. Eyamba elala evuka. Kuthi nakesuku aye eyomweni afike asengele ligula lenwanwa. Noma nje tidla tomo edlelweni munu ete nelithunga asenge aye kokwetha ligula lengane, kubalekwa.

Vico. Vico yena naye wayetalelwe endleleni. Emhulu etalwa. Nemehla ahe eshone ekhathi. Enelibilo kwatshiwa uVico.

Kwase kutshi laha sebebaleke bate bafika eThethe (ufula lowo longake Grout Ville) wafa nina. Ngalesihatshi efa nina, Vico mjala. Usewahuluphala atisahlangani tandla laha ngemuva ehlana wahe. Futhi usewamila tibele setishaya emajolweni.

18 Mangabe kufiwe, ke, kuye kugetwe mnyama efuleni. Bayamba ke. NaVico watshi uyageta wehluleka yikuwathela amadi ehlane evimbwa yibuhulu bwemahlombe ahe. Wathi uyabucunga, tandla taphelela ngakemakhwapheni. Watshi uyawathela nangembili, avimbwa yimabele lashaya emajolweni.

Kwaba lukhuni nekugeta titsho yinjaba yekhaba. Wafika esemishwayishwa njena ehaya. Wayeseya kufati wahe lomnqane ethi kuhle amgete ambuxunge. Wakhuta uhlola ufati. Wabita banakwabo watshi, ene,

"Vico agetanga! Unyibikalisile ubuye nesila eThethe, kani kufe nina! Uthi agetwe wumina mnyama wahe! Ufuna kungala ngelisu mame!"

Loko ke kwase kuba yitibongi tahe unwanwa lowo. Kwatshiwa!
19 Vico agetanga! Wanyibikalisa! Ngamdlange kufa nina Mamtshali! Wabuya nesila eThethe! Wakhephuta tingeqe!

Labanu bacele bafike balithanja live langake thethe, bati misela kwekutshi batokwaha laha sokume hona sikole semvoti ngoku (Groutville) ngaleso sihathi Vico wayeyiyosi. Kwasuke kwaboka ukhuhlane lo nowathatha naboVico. Ba sebethutha bathi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

19 live libi linokhuhlane. Baye bamisa ngakelwandle, ekhathi kwemzumbe nentshambili laha kwakhiwe hona sikole sakeFair View ngoku bona bafika majoda esemathathu kuyikuphela lake hona kulenjawo nehle. Enetithembu tawo netihulu. Efuye kahulu.

Afika maCele ahlala kwaba kuhle. Kuthe besahleli
20 kwachamuka impazano, kwafika belungu, bathi banu mabaholwe. Balahle kusina, nelijiki nagwayi nesithembu.

Ahlangana maCele athi, "Na kaZulu sachithwa yikwehlulwa yikukhoda. Niyeva, belumbi bathi iyeta iyosi yalelive. Ngeke thina silahle kudla, nebafati bethu, nagwayi asambeni."

Nempela bayamba. Bashiya Sindweni. Bawelela ngesheya kwemzimkhulu. Baha baye bashaya ezingolweni, bengama ufula uMthavune. Nanohla bahe hona. Bayisive laho.

Sindweni. Watalwa uVico kukhute ukhuhlane eThethe. Nina wasinja egula kabi Sinjweni sebejahe kuyamba. Wathi Vico, "ngeke ngite ngiphelele laha ngithi ngilinje ufati notelenjo. Sotala
21 embili." Kwase kuthiwa kusindweni yona, loku ingane iyafa nje! Kwase kuba uSindweni, ke. Wabuye waphila.

Mbabazi. Watalwa uSindweni eganwe yilidikati MaMhlanyawo. Bababata bakaCele Sindweni eganwe yilidikati.

Zavunja. Watalwa uSindweni emude eneminede neyimicondo emnoani sengathi yinja, eyinombatana.

Mangephoza. Yinombi. Watalwa enesiphongo nesikhulu. Engavumi banu, yitinjaba tekukhalela kuphathwa wunina.

Gociya. Watalwa enencegela kamwe nesiphongo. Mehlo ekengoxini kwase kutshiwa uGociya.

Mpofu-Kwakutshiwa uMofungekutekela. Watalwa ngamdlange yise egwate iMofu (impofu) inyamatane.

22 Mbulawa. Kwathi esebomvana kwangena munu ephethe sikhwehlela semofu (mpofu). Ingane yakhateka. Yakhala yashona lukhakhayi ekhathi. Kwasita yise kaMofu yena ayenaso. Wayuthuncisela ngaso ingane. Yahlada lenje inyoka iyiligwebu. Yasinja. Kwasekuthiwa umbulama.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

22 Ngcawushe. Kwathi mamofu eyiliCele lake moneni ngoba wona amnyama, watala ingane nehlophe, yefwana nemaCele akeNgcawusheni. Kwasekutshiwa lengane uNgcawushe (ufwana).

Moneni. Kwacambwa ingane ngesikhathi sekwehlukana kwemaCele. Sindweni wathi banemona mangabe bethi ayeke ufati wahe bethi uyilidikati. Bamshiya eMzumbe ke, bathi sala, ke, wena wake Moneni. Thina Ngcawushe siya chubeka.

23 Samu. Sindweni watala ingane yaba mnyamana yaba yimagwegwana sengathi yilikula wathi uSamu.

Mzabe. Nina wate ukhiphelwa ingane izabile nje ingavumi kuphuma.

Silima. Watalwa emkhulu ngesimanga mivingqi lena yelekene nje. Atange abohle loku tingane titalwa titinkulu tibuye tibohle nje. Kwa sokuthiwa uSilima.

Matafula. Watalwa ngamdlange belungu kaje befike kaSinjweni nelitafula babeka tincwaji tabo beshumayeta Sinjweni nebanu bahe bethi ene "Phenjukani ngoba umbuso welitulu usonjele. Lahlani gwayi nelijiki nesithembu nikhethe iyosi." Sindweni yena aphenjukanga kojwa boSamu naSilima naMbulawa nebafati,

24 nalabamwe nabaningi lenginga kobabali baphenjuka. Kwathi laba lengibabalileyo bate baba yibefunjisi. Liqonga lesuka ngamdlange kwe matafula lawo. Yatshaleka leyo mbewu.

Venge. Watalwa bana bezula. Be dinga lisu. Bevimbetelwe yiba funjisi. Bethi abakholwe. Live lathengwa esheya kwathiwa elebafunjisi. Bohe labaphutayo kuhle bayeke. Balahle gwayi nesithembu. Watalwa ke lofwana. Kuthiwa akuVange kwedeke loku. Kwaba uVenge ke.

Siqongqwane. Watalwa yise ebada siqongqwane sekuvala mgodi wekudla. Ngoba kwase kubuliwe. Bamtshela kwekuthi ufati ubelethe isiva. Yena esabada Siqongqwane. Wayesethi, ene, lesiva yami kutoba uSiqongqwane.

25 Zuke. Kwathi ngekhathi kwanamabili masuku, banu belele bohe bethe Zuke, watala ufati. Bavuswa yisiva isihala nje, kwayihona bephaphama. Kwasekuthiwa uZuke.

Mfanyana. Wayetibula nina babuta bafati bathi "Kuwumunu muni?" Wathi kuwunfanyana. Kwasekuba uMfanyana, ke.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

25 Ziphathe. Nina waphekiswa ephethe lengane ibovwana. Wathi laha esthi, ene, "Ngokwedenjani kuphuma nengane lenqane kangaka?" Kwathiwa "Wotiphaphatha, nje. Amuho ufati nowehlulwa yingane yake. Kwasekuba uZiphathe, ke, ingane.

Ji! Kwakutingelwa. Yise washaya liphithi. Weda siga sekutingela
26 wathi, "Ji!" Uthe esasho njalo bafika bafwana labebekaje besenga. Bathi, "Wena ulibele yikutshi Ji! Njena, uvile nje kwekuthi ufati usekutalele inombi ehaya? Wejabula! Bethwala liphithi lahe, bagojuka naye. Kwasekuba uJi leyongane.

Nomandosi. Watalwa walanda iswebu yaNdosi kwasekuthiwa uNomandosi, ngoba yinombi.

Ngawu. Kwatalwa komelele kukhala kubi. Kute kutshi, "Ngawu, Ngawu, uwa----! Kusho kute kuqaqatheke. Kwase kuthiwa uNgawu.

Nganyana. Mnganyana, Mganyana, Maganyana. Yisidlaliso nje sengane ye nombatana leso, nesite sivushwe sibe yiligama. Asinasici neze.

27 Bantshi. Yise wanikwa yibefundisi libantshi lelimnyama kwatshiwa ayambe eshumayela. Ufati wayesetala Bantshi.

Patsha. Watalwa ebovana ekhuluphele tihlathi tinetiyingi netibovu, songathi utoqhuma. Wayesecambwa, ke, kuthiwa uPatsha. Emuhle lomunu.

Khabingwe. Yisemhulu wabulala ingwe kutingelwa. Yesuke yedlula eti nyaweni tahe ceje wayigwata wayesetala ceje ufati, kwathiwa ingane leyo yefwana uKhabingwe.

Thembani. Nina wayesymile, uthe engageqwanga, wabuye wabona esekhulelwa nje watala unwanwa wayese mwetha ngaleligama.

28 Fana. Nina wejabula kabi etele lisenjana. Ngoba kubanu uma ungamtele ufwana awulutho. Lifa laho lodliwa etiveni. Kwamwenelisa, ke, kwekutshi ene ligama lenwanwa uFana.

Zilolwane. Wayeyisikhali. Elolotelwa ngeMpela. Silolotelo sahe wayeloku kutshiwa Zilolwane, Zilolwane! Kwate kwaba uZilolwana, ke.

Dibandlela. Watalwa uVico seku phunyiwe eThethe. Uyena elama Sindweni. Phela kwakuye kuyambwe kanqane kuhlalwe. Njalo kuyamba-yambwe kuhlalwe. Unwanwa lokwatshiwa uDibandlela ngoba babediba tindlela bephambanisela mikhuhlane kamwe neyosi Tshaka.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

28 Ngoba nakuye babephume ngekweca phela.

29 Magaye. Umafungose wemaCele, litibulo laDibandlela. Wohe munu no noyiliCele lemquba umuva ngoba afunge Magaye waDibandlela!

Maganga. Watalwa eMzumbe ngetihathi tebefunjisi befikile, beshaya mithetho yabo yekuthi banu mabaholwe balahle lijiki, nesithembu, nekubema. Watalwa ke lofwana wathi magaye, "Safika simaganga, sesiyamba sesimabohlo." Ingane yase iba uMaganga, ke.

Nqumela. Watalwa uMaganga. Ngesheya kweMzimkhulu. Ekhala ngekuthi yena wayetohlala njena eMzumbe kokuba wayesehlakaniphile. Kojwa wanqumelwa wuyise. Yena ebebathanda nje belungu. Nelijiki wayetolilahla nagwayi, nesithembu, atihlalele, phoke, wancumelwa uyise Maganga.

30 Mkhokheleli. Ufati wayexakelwe. Wate walanjelwa inyanga. Yayiphenjula ingane esiswini, yamkhiphela. Kwakuyisiva. Kwathiwa uMkhokheleli, ke. Ingane yaNcumela.

Luthingo. Watalwa uMkhokheleli. Uthe ufati ebelethe, waphuma eyogeta tikhundla efuleni laha kuphutehona luthingo lweyosatana (Rainbow). Wabicika mabele. Wate welaphwa yinyanga yashayelwa iyomo. Ingano leyo yaba uLuthingo. Nayo yamincika tilonja temnyama. Ngoba yayincela phela. Inyanga yabelapha nenina baphila.

Tshiwu. Watalwa uLuthingo. Ufati wa yethandiswa inyama yeyuku. Wayesefiqa iyuku yeninatala ichamisele. Wayibamba wayinquma
31 wayishiyisa matinyane wayiphekela elawini wayidla wafihla unede ethi owudla ngakusasa.

Matinyane akhala efuna nina ethi tshiwu, thiwu. Ninatala wabona kwekuthi iyuku ayiho. Wafuna, wathola maqubu efihliwe. Watshela unyana. Naye wafuna elawini wathola unede. Bambuta mshakazi. Wavuma wathi ubethandiswa kwathiwa kuhle ayilande kubo. Wayilanda, bamnika sikhukukati. Ingane wayitala ceje yaba uTshiwu ligama layo, ufwana lengane.

Mhabula. Nina wahe wayethanjiswa lijiki. Wabambwa ephuta luhamba lobelubekelwe ninatala. Laha esalubeka kasi nje, ingwebu isancandile enomweni njengemadevu. Bambuta. Wathi, "Bengithi ngiyahabula ngibona ingwebu ikhihlikela kasi." Ingane wayitala ceje yaba uMhabula ngwebu kuyingane yefwana.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

32 Ntunjana. Watalwa ngamdlange Zulu ebevimbetele, ethi ene utobulala kulowo muti. Kojwa yise nenina baphuma ngembotshana. Wathi, ke, ngamdlange etalwayo kwathiwa lowo fwana, ene, uNtunjana.

Ngubo. Watalwa uNtunjana. Ngoba wasuke wateka jadewabo wa mbatha ingubo naye. Wamweda ufati. Uthe kokuba ahulelwe, weca naye ebaleka kubulawa ka Malandela wawela luthukela. Watala ingane bayicamba ngokuthi uNgubo ka Ntunjana.

Msabala. Watalwa uNgubo sebewele luThukela. Basabalaka nelive. Kwathiwa lengane yefwana uMsabala lothethwa njengenyeni ehlangabela mgoboti welulwandle (Luthukela).

33 Wela. Watalwa uMsabala. Ngesici sekuthi bona bawela ekubulaweni kwaMalandela, bawela ngengubo lenje yakoNtunjana. Ngoba bayeni besaba kuwela basala ngesheya kwelulwandle (Luthukela).

Vumazonke. Watalwa uWela. Ngesikhathi Zulu emlanjela ngebashokobeti. Efuna ukhonjo wemunu no wateka jadewabo weca naye. Wacale wabutwa kwekuthi situkulwane sekhwabo sajabuka kulelive yini wavuma. Wabuta kwekuthi Uyamwati yini umunu waMalanjela moweca najadewabo, wavuma. Wathi la sebefunisisa kwekuthi yena wela ave eyilutalo lwalabo bamu yini. Waphika esesaba kufa. Wathi ayi ubeva ngenjaba naye abati. Bathi kani

34 lomunu uVumazonke, uteda silima kani uhlakaniphile nje. Bedlula njalo. Ufati wasale watala Vumazonke.

Lusizi. Watalwa uVumazonke ehlupheka. Eyambe ethubeleta. Sebetibita ngesibongo saMsabala. .Befunwa ngesibongo saZulu kuthiwa batobulawa. Batifihla ngempela. Kuleso khathi ufati watale Lusizi, ufwana.

Fasitele. Watalwa unina engevi emuhle. Wathi ufwana nelifasitele lahe laha etibuka hona.

Godlanyawo. Watalwa enelunyawo nolubeke eceleni. Kwasekuthiwa uGodlanyawo.

Kanduba kube hona lesibongo saMsabala nje lesithi:- Ngubo ka Ntunjana! Msabala lothethwa njengenyeni. Hlangabeta

35 uMgobozi. Bayeni behlulwa yikuwela basala ngesheya kwelulwandle! Bawela boMsabala ngengubo nenje yakoNtunjana.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

35 Ndlukayivalwa. Wayetalwa uthakathi kuthiwe kuMshakazi ate anganeni hona, kwathi kungeho munu waya kongena. Wafiqa kugqwele tihloko temajoda. Weca nesisu wayotalela ekhwabo. Ufwana namtalayo waba uNdlukayivalwa, ivalwa ngemakhanda emajoda.

Mashiyi. Watalwa uNdlukayivalwa. Wathi ngamdlange ecala kuboniswa ingane yahe, wathi, "Hhawu! Ingane yami inemashiyi lamahle lafana nawenyamatane." Kwasekuba yiligama lahe njalo.

Bungane. Nina wayemuka njalo, ebaleka kusila. Eloku esila njala
36 kudla nangakwati kwekuthi ku dliwa nini. Kani kudliwa yitilwane. Bathi sebemlanjile ekhwabo, bafike bathi lofati unemabungane. Yiwona lawa lamemukisayo. Watala Bungane.

Mthimkhulu. Watalwa uBungane. Eyinyanga. Kukhona uthi lomhulu ehlathini laha babeye bahlangane hona esuku netilwane tabo, betohlela kwekuthi nohla kutohlaselwaphi, kuhlaselwephi. Kwathi, ke, ufati esikwa esuku, kwafuneka imbelekisane. Bungane engeho. Ufati wahe wabayalela wathi abaye kombita. Ukehlathini emthini lomhulu. Nempela bamfiqa hona ehleli nebathakathi. Bacela imbelekisane. Wayamba wayeda. Ufati watala Mthimkhulu.

37 Hadebe. Watalwa uMthimkhulu. Banu bethi, "Hawu! Kani naMthimkhulu uhodoba wenyanga! Wefuta yise Bungane! Wayese-tala (Hodoba) Habebe. Inyanga leyulu.

Lokoza. Wayeyufana. Enemehlo namancane elokoza ekhathi kwesiphongo. Kwabe sokuthiwa uLokoza.

Hlikihla. Wayetalwa uHadebe esebacedile banu. Kwase kuthiwa uHlikihla. Kojwa Hlikihla atange abe esathakatha yena. Waba wumunu lolungileyo. Wayengasawati ngisho nemakhambilawa ekwelapha.

Gende. Wacambwa ngekugenda. Kunokolota. Watalwa ngemwaka nokwacalwa ngawo kunokolota banu. Kani leno kaje ingatiwa. Kwase kuthiwa ke ingane leyo yefwana, ene, uGende.

38 Nobala. Wayetelwe ngawona mnokoloto. Kwathi ngamdlange tingane tiyisiwe, kwa fike kwabalwa magama ebanumtane tinganetabo netigendwayo. Labanga tinokololanga baya kobophwa. Bebalwa uNobala. Laphuma laho ke ligamu la Nobala.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

38 Ncishuyise. Mshakati wagqagqa ceje wangevani nebatali benjoda. Watiphekisa engaphekiswanga. Wapheka wadla nenjoda yahe. Abe esasihipha sitsha seyise wadla wamncisha. Yise wacamba ingane yenjodana wathi uNcishuyise.

Nkosi. Yilitibulo la Wathi kuba ufati atibule ngefwana, weva ceje yise wengane watshi, ene, "Iyosi yami ke leyo." Kwasekuba uNkosi.

39 Mzansi. Watalwa ngesihathi litulu liphenyula umoya wemzansi, lihlongoza imvula. Kwase kuthiwa ke, ingane uMzansi (ufwana).

Sayiwana. Saliwa. Nina wayegane esithembwini. Yena waliwa yinjoda. Wayesetala injodana. Wayicamba ngekuthi uSayiwana ngoba yena uyeyiwa. Labamwe bayicamba ingane, bathi uSaliwa.

Mandoyo. Wacanjwa ngesici sekuba nina wayethanjiswa yise. Ihlidiyo yahe ihlala indenga. Wayesetala Mandoyo, ke.

Lekwata. Nina wayenelulaka ehlala e-(kwatile) thukuthele, ethetha. Wayesetala ingane yefwana yaba uLekwata.

Mgwaqo. Nina waphambuka emgwacweni watala ufwana. Inimba yamfica esathi uyayamba emgwacweni.

40 Tiligi. Inimba yamfica nina ephuma kothenga tiligi wabeka kasi tiligi waphambuka watala ufwana. Waya ehaya esethwele ingane wawushiya tiligi. Ligama lengane laba uTiligi-ke.

Ndleleni. Wathi nina esayamba endleleni, wayesekhandaniswa yinimba. Wayesephambuka etala ufwana.

Hlathini. Wathi nina eyothota ehlathini, waficwa yinimba watala ufwana. Washiya tuni wa goduka nengane.

Zinkuni noma uNozinkuni. Nina usuke athi uyothota abe sefike esukwa yinimba. Imjahe. Abeke kasi tuni aphambuke atale ufwana kube uZinkuni. Inombatana ibe uNozinkuni.

41 Zinkumbi noma Nozinkumbi. Watalwa ngekufika kwetumbi tekucala (1897). Ufwana uba uZinkumbi. Inombatana ibe uNozimkumbi.

Nkasa Nonkasa. Watalwa ngenkasa yetumbi tekucala. Ufwana abe uNkasa. Inombatana ibe uNonkasa.

Sikhonyana Nosikhonyana. Wacambwa ngesona sikhonyana kuhebetwa kwaso etelwe. Ufwana abe uSikhonyana. Inombi ibe uNosikhonyana.

Siyumba. Watalwa ngesihathi isimu iChumile. Inetiyumba netiningi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

41 Siyumba yilombila nofike uthi wena makube yisikhwebu. Uwugence ufula. Uthi uyawufula ufice kuthuquka msidi nomnyama ungekho mbila.

42 Wehle. Wayetalwa wumunu ejacile. Kuyimathambo. Naye watala ingane leyimjobuluka njengaye. Mathambo elungelene. Ingane yefwana kwa sekuba uWehle.

Joliphasi. Watalwa ngekufa kwetomo kwe kucala. Labamwe babebitwa ngekuthi uLandaphasi. Lokuya kufa kwelomo lokwaba nga 1898.

MaBunu, NomaBunu. Batalwa ngemi yemaBunu. Ufwana abe uMaBunu. Inombatana ibe uNomaBunu.

Mzingelwa. Watalwa ngesihathi befuna kubulala yise ngetandla noma ngethi. Kojwa wasungubala, abate bamtholela.

Mahedeni. Watalwa egula kabi. Kwayobulwa. Inyanga yathi abame
43 laphe (ngethi) ngaMahedeni. Waselaphwa ngawo wasinja. Kwase kuba uMahedeni ligama lahe lowo fwana.

Dumuzela. Watalwa banu behuluma kwekuthi nina uyaphinga nesisu lesi akusona senjoda yahe. Watala ufwana.

Ganoyo. Kwesukela esidlalisweni, nje silobotelo sekuthi gane (ingane). Kwasekute kuchuma ligama lahe lofwana. Waba uGanoyo.

Nyoluka. Wathi nina enyoluka sisu wanyoluka nekudla wakudlela elawini wancisha banu bemtini wadla yejwa mangabe kudla kumnandi. Bamcambela ingane yahe bathi ene uNyoluka. Iwufwana.

44 Qedela. Nina bambulala ngemweco engakasinyoluki sisu. Walaphwa wasinja. Wasinyoluka sisu. Uthe laha esetotala bamfaka uphupho netibobo. Kwabulwa. Kwevakala kwekuthi ubulewe uyena lowo lowayembulele kucala. Useyamcejela. Wayesetala Qedela.

Zibi. Watalwa ceje wagula wabangwa netibi leti. Kojwa welaphwa wasinja. Ufwana.

Mini. Watalwa emwini lithe ga. Ufwana.

Ndoda. Madodeni. Wathi ngamdlange etalwayo, kwathiwa kutelwe injoda emajodeni.

Lubenjana. Watalwa kuhlabiwe. Kuthe se kufunwa lubende lutonikwa
45 bafwana, alwate lwatholwa. Kwasekuvakala kwekutshi luthathwe yisalukwati, salwosela mshakati. Sibonga ingane. Ngoba waye thandiswa lubende. Ingane yase iba uLubenjana.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

45 Mvula, Nomvula. Watalwa lina lithi mihli. Ufwana uMvula. Inombi uNomvula.

Shesha. Nokushesha. Nina wayengabambwa. Wayesheshelwa mangabe ebeletha. Inimba yahe yayikeduze. Ufwana abe uShesha. Inombi uNokushesha.

Gugile, Salukazi. Bahleka nina etoshada bathi ugugile. Watibula ngenombi. Ibe uSalukazi, noma ibe uGugile.

Masimani. Mshakati wafike waphuta magula. Wetha amadi. Kwathi
46 sokuvubwa, masi abe seyinja-vunjavu. Bathi bayadla banu bemtini, babehala ngekuthi, Awu! Yimasi mani lawa? Wathi ngamdlange ebeletha, watala inombi. Yaba uMasimani.

Jaheni. Mkhongi wakhonga wakhonga, abamnikanga kucwilisa. Wesuka ukhwemwana watikhongela. Bathi ujaheni? Yemithi yini inombi? Wathi ukhwemwana ngijahe kugcagca. Ayemithi inombi. Bagcagca. Batala ufwana waba uJaheni.

Mhlunga. Ufwana watalelwa efuleni. Nina ethi uyoha madi emhlunga (ufula) wasuke wathi kokuba abelethe, washiya kasi imbita wabuya nengane yefwana. Yacambwa ngekuthi uMhlunga.

47 Kayizili. Mshakazi wasina emtini wafike ate awahlonipha malungu emtini njengethetho wemunu nogcagcileyo laho ehaya. Watala ufwana. Kwathiwa uKayizili (lenombi).

Mabengu, Bengu, Nozibengu. Wathi nina ngamdlange egqa gqayo, lesusa umoya lanetha. Kube sokuthiwa wadlela dobe enkedweni. Useyothi noma ethi ususa muphi usebedi libenguze umoya. Ufwana uBengu noma uMabengu. Inombi uNozibengu.

Msipha. Watholakala ngenhlamhla. Nina wayesaba. Kuthi mangabe kusuka inimba acinise luzwani loluhulu. Kani lolutwani yilona luphethe usipha lowekhama ingane esinyeni. Basheshe bamwelamela. Yesuka ceje inimba, bambamba lutwani. Bathambisa msipha. Yataleka ingane, ayate yekhameka

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

48 Nondlela, Ndleleni. Kusuke kuthe kuyambwa indlela, ufati wesukwa yinimba. Yamjaha. Wacheduka watala ingane, yenombatana, uNondlela. Yefwana uNdleleni.

Mabaleka, Nokubaleka. Usuke etalwe ngesikhathi kubalekwa. Athi nina ethi naye uyabaleka, akhandaniswe yinimba. Atale ufwana Mabaleka, mangabe kuyinombi wuNokubaleka.

Sikobo. Wathi nina ethota ligoqo lekumbeletha, wafiqa sikobo ehlathini. Wabaleka engasati kwekuthi esani. Wabita majoda afike athi esokhozi. Ingane layitalayo yefwana yaba uSikobo. Lelimwe ligama layo, laba uSokhozi.

49 Ngilazi. Mshakati wasina ceje wahlakula masimu lanengilazi. Wate wabeletha ehlakula ingilazi iyilukhokho nje. Ingilazi wutshani lobwenabayo buyambe bweda madolo bumile timanje. Buhlanganise buhe yilukhokho. Waye camba ngalelo gama ke ingane yahe. Ufwana, Nohlanje, ke, ngilazi angasho nekuthi ingane yihle ifwana nengilazi yelifasitele.

Mziwabanye. Injoda yafelwa ufati ebeletha. Ingane yondliwa ufati wakunomumwe muti. Ligama layo laba uMziwabanye.

Ntombikayise. Washiywa unina etelwe. Wabelethwa uyise. Wayesemcamba yise ethi uNtombikayise.

50 Ngidlani.Isimu yahe bayithela tomo ivushiwe. Wathetha wathetha, wayesebuta ethi, "Ngidlani, ke mina?" Kuthe ngamdlange mshakati ebeletha, watala Ngidlani.

Tshapha. Yise wayesehluphile echwephesha balokatana bebanewabo esho nekuthi bapheka kudla kube luhlada. Wate waganwa bathi utshaphile waganwa naye.

Zulu. Wacambwa ngaleli neliketulu. Leligama lalicconje kuthi ene uphakeme ngetulu kwebanu bohe.

Qwabe. Babelamana kunina benazulu. Qwabe eyinomhulu. Kuthi qwaba yikuthi uyejwa (nempela wasala yejwa.) Nina weluka macansi wathengisa. Waholelwa ngeyomo nehlophe. Wayipha lomncane,

51 Zulu. Wayisisa enduneni. Yanja leyomo yembathisa ligcaki ngetomo netihlophe.

Uyabuta Qwabe uthi ethikabani letomo netingaka netihlophe? Bayamtshela, etazulu, wefuyele enduneni, wefuyiswa unina.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

51 Athukuthele Qwabe, aphake imi iyobulala Zulu nenduna nenina. Kubonakale kwekuthi liningi lebanu lithanja Zulu nenina nenduna.

Kwenele kwevakala nje, liningi lebanu lathutha nazulu bayokwakha kaZulu. Netomo letihlophe tathola ligama lekuthi uNyonikayiphumuli. Ngoba Qwabe aphumulanga ebona nina engodlele imbokodwe wa fuyisa Zulu emncane.

Qwabe wasala kasi yejwa qwaba.

52 Zulu wangenisa sive nesasihona sakwaLubolo lwenja salwa samwehlula Qwabe. Saba yima Zulu.

Gumbi. Ufati waQwabe wemitha watala maphahla. Lelimwe laba uGumbi, lelimwe laba uPhahla. Kuthi Gumbi yikuthi ingane yayihleli egumbini.

Phahla. Kuthi Phahla yikuthi liwele.

Gumede. Kuthi Gumede kuthi welama Mawele ligumbi lelide (gum-ede) lelalala Gumbi naPhahla.

Hlophe. Watalwa uQwabe. Ebabata tomo netihlophe netefuyiswa Zulu wunina. Waseyamba nato wayamba nebukhosi bahe (Ngitobuye ngiyichube le yakaHlophe).

Vamindaba. Yise wayeyilibudabuda lemlisa. Ingane yahe yefwana kwaba uVamindaba ngoba yise eyiligagu lekuhuluma.

53 Mazinyane. Nina wayethanjiswa inyama yeyuku. Wabulala iyuku yeninatala iqhamisele. Matinyane asala wojwa. Wabambwa. Ngamdlange ebelethe, bacamba ingane yahe yefwana bathi uMatinyane.

Mkhethwa. Nina wenjoda netinombi tahe tatipheka tidle lokumnandi timncishe Mshakazi esayosebeda esimwini. Uyafika sebegete timbita besula milomo. Wedlula weva. Watala isiva yahe wathi iwuMkhethwa.

Nakiwe. Yinombi yatalwa uMshakazi esehluphekile bemnake ngekumhleba kubanu babuye banu bantshele.

54 Gabane. Ufwana wacambwa ngelibele leli nelifuphi nelithela kahulu. Ngalowo mwaka, ayevumile mabele ekhwabo. Kwase kutalwa ingane yaba uGabane.

Mcatshwa. Bafowabo bamfindela licebo yise walofwana, befuna

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

54 kumbulala ngoba eyindlalifa. Weva. Watala Mcetshwa.

Pitiya. Wayemnyamana emncanyanyana. Efwana nelikula ngetihathi tekuqabukwa kwemakula ehuluma nelulimi lolungatiwa epitilita nje. Ingane leyo kwasekuthiwa uPitiya ngoba ifwana nebanu labapitilitayo (Makula).

Gengqeza. Watalwa emncane enehloko leyulu. Utimba umfuphi. Ihloko iloku ithi gengqe, gengqe. Yena ewufwana.

55 Nombeka. Nina wayelobolwe ngetomo tombeka. Ngoba inombi yaba ngeyomo yafuywa. Yatala yanja. Tase tilobola ufati. Ufati watala inombi Nombeka.

Ndindeni. Ufati emithi wandindwa yitilwane. Kwabulwa. Sathi sangoma, bekuthiwa yihona kutophuphuma sisu. Welaphwa. Watala Ndindeni. Nosho kwekuthi tindindeni tona tilwane tahe, ngoba nayi ingane italiwe nje? Tejalile.

Dumba. Yise wayenetimba nomubi edumba (evuvukala) wayesetala Dumba. -Noma- Nina babengamhloniphi. Bamane bamdumbe nje bathi wone kuthi nekuthi laha ehaya. Bangamhlebi nakumhleba. Bamtshele. Atale ufwana ke, abe uDumba.

56 Badaza. Nina wayeyimabatha eyamba ebadazela. Ingane yacambwa ngekuthi uBadaza.

Gebeda. Kukabili. (1) Uyise wayegibela ebusuku egabadula ngefene. Noma (2) Nina wayepeketula uhlaba egabadula ngelikhuba. Elima kahulu edlulisela bafati. Wayesetala Gebedu.

Mabutho. Yise wayesetele tisiva. Wabuye waphinja le. Wayesethi, "Ngitele Mabutho."

Gundi, Gunda, Gundile. Usuke etalwe engenanywele, kube songathi kaje egunda. Kube sokuthiwa nina wadla inso yenyama. Yabe seyeswela tinwele ingane.

57 Zizi. Nina wamtala emhyamana phishi. Wayesethi ngitele lizizimbane. Kwasekuba uZizi ligama laleyongane yenombatana.

Khofeyi. Watalwa eyisigadlabeyana. Buso bubadi bubufushane. Mehlwana eshone ekhathi. Utimba umfuphi enemicondo. Bayicamba ngesici leso, ke, kuthi khofo, khofo. Kwaba uKhofoyi.

Dumazile. Wamitha nina eseyimombi. Waseshadiswa yibafati. Tinombi atabe tisasina. Wafike watala inombi yaba uDumazile.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

57 Zondani. Yikuthi nisizondani? Inombatana.

Mfaniseni, Faniswa, Fanisile, Fanisiwe. Babethi uphingiwe. Watalwa ceje wefwana nebanu bekhwabo. Kwasekuthiwa mfaniseni phela kwekuthi hhave efwana yini nabekhwabo. Lomumwe uba uFaniswa nomumwe abe uFanisile, neFanisiwe.

58 Phoshwana, Qashana. Babeyimawele. Nomumwe waba uPhoshwana, ngoba emncanyana sengathi yinyonyana. Eyindilingana. Nomumwe eyiliqashana, nelihlana sengathi yinyama. Emncanyanyana naye.

Mazwiendoda. Yise wayecikota ngekuhuluma. Kojwa watala manombatana ojwa. Wate wajinga kwekuthi kojwa lamavi ahe nangaka ayosale ehulumwa ubani loku yena anafwana nje. Wayeseyamthola ufwana, esejelile. Sifiso sahe saba esokuthi, sengathi kungedeka kuthi ohe mavi ahe lakehloko kuye ehlele enjodaneni yahe. Nayo ibe yinjoda ngawo. Wayeseyetha ngekuthi uMavi eNjoda.

Kwazi, Nokwazi, Sazi. Yise usuke enekwati kwahe naphumelela ngako.

59 Noma ekwekuthakatha, noma ekwekwelapha. Noma ekwekweda usebedi nothile naphumelela ngawo, nafisa songathi ungehliselwa kunanahe naye abe yisati. Inombatana yona iba uNokwati.

Ncinci. Yinombatana. Nina usuke ethi, "Ncinci! Ngate ngamthola jadewethu." Uyise ethi, "Ncinci tate tabuya tomo tami . lengalobola ngato nina wengane!" Libuye lichadwe ngekuthi "Ncinci" usho kwekuthi, "Mntakwethu." asho kwekuthi, "Gugu lemi."

Ntombi, Nombi, Nontombi. Yimanombatana. Asho lemagama kwekuthi ngiyejabula ngoba ngiphiwe iNombi.'

Gugu, Nomagugu. Yinombatana. Isho kwekuthi ngiyabonga! Ngate ngaliphiwa ligugu lami.

60 Gaba, Gabangani, Thembani, Thembeni, Gabisile. Mangabe munu egcagce eyinombi yesati, afike aqhoshele banu emtini la enjele hona, ingane yahe yenombi bayicamba ngekuthi uGabangani. uGabisile. Ufwana kube uGaba. Futhi inombatana ibe uThembani noma uThembeni.

Themba Nomathemba Thenjiwe Thembisile. Ufati etibule ngefwana kuthiwa uThemba ngoba siyethemba kwekuthi kani lofati utosahela muti. Nangu esethe efika wabe etala ufwana.

Mangabe kuyinombi, bathi, "Kuyethembisa kwekuthi lofati

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

60 utotala banu. Nangu ethe efika wabe etala inombi watibuyisa tomo letamlobolayo." Loyongane bayicambe bathi iwuNomathemba. Noma uThembisile. Noma uThenjiwe.

61 Sithupha. Yinombatana. Isuke italwe iyifuphi, futhi ihuluphele. Kani futhi kunesimwe sihathi kuye kuthiwe uSithupha, nje, ingane isuke inekhuba wekuncela sithupha.

Ngu. Makhoti wasina bemthanda. Wanele kufika emtini, bamhlanganyela. Bamgcona. Bebona ngoba unyeni wahe engasenanina. Watibula ngenombi, ke, yaba uNgu. Lokusho kuthi, "Ngafika kahle. Bangiphendukela. Bahlangana ngami bathi ngu!"

Danisile, Khathazile. Babazile khamisile yinombatana. Isho kwekuthi, Mihuba yenina isisahlule thina bemtini. Sesimane sibambe unomo longedasi. Siyawuyeka longehla ngoba unemafinyilo.

62 Volo. Unwanwa usuke etalwe ngesihathi kugundwa volo emagusheni. Yili gama lefwana. Kani nenombatana futhi ingaba uVolo.

Thana. Ufwana. Nina usuke egcagce ceje bamtshela bemtini bathi kuhle edenje. Wakweda. Wathi ephakathi bamkhuta bathi, "Ayi ungakwedi loko, yedenje." Weda. Babuye bamkhute njalo. Uthe esuka wayetala Thana.

Musa, Nomusa. Ingane isuke iyiyulu. Ithatha mehlo. Ibuye isheshe ihleke. Ithande banu hohe. Ufwana kube uMusa. Inombi kube uNomusa.

Futhi ligama lekuthi Khuziwe noma Musa lisuke likhuta. Njengoba mhlaumbe mshakati ugqagqe ceje wephana kahulu. Kuthiwe emtini, "musa kwephana kangaka uceja kudla." Abe sevela. Abe setala Musa noma uKhuziwe.

63 Gigiza, Nukiwe. Kwakuthi kulelwe kube hona tigi kandle. Noma etulu kwendlu. Leno isoleke. Ngoba beyikaje ingeho kungabiko mshakazi laha ehaya. Ngoku yiloku kugigita. Banu bangaconji nekuba mshakati khave efike netilwane yini. Atale inombi yahe ceje kube uGigiza noma uNukiwe.

Siyu. Leli, ke, lisha. Tingane netacambwa ngaleligama, nonyaka ti nemimwaka neyilishumi nelisonta noma yimashumi lamabile nga 1943.

Leligama lacambwa ngemhlangano lowaba hona eNatal, wetisebedi. Wabitwa ngesingisi kwathiwa Industrial Comercial

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

63 Union (I.C.U.). Banu, ke, bona batala boSiyu. Bafwana.

64 Gemfe. Ucambwa ngeligemfe leli neliye lishaywe yibafwana. Nelediwa ngemhlanga likhale lithi fwe, fwe. Munu mangabe kuthiwa uyiligemfe kusuke kuthiwa akuho lutho kuyena. Kufwana nekuthu wakhahlelwa yilihhashi esifubeni kwasala ligemfe likhamisile lithi fwe, fwe. Leso sici sisuke siphawulwe kunina wengane.

Magidigidi. Kusuke kujatshulwa kuhlekwa ufati etele isiva lehle lihulupheleyo. Noma- Usuke efike ate ashesha kunyoluka sisu. Bamhleka bunyumba. Abe setala Magidigidi. Noma - Eshade ceje mshakati bafike bamgcona emtini. Wayesetala Magidigidi ethi ake bahleke phela isini yahe.

65 Ndluzabanye. Wafelwa ufati washiya ingane. Wayeseyambe ekhedama nengane etindlini talabamwe bafati.

Diniwe. Usuke esekhathele yikuhuluma. Ihlitiyo yahe isimnika nje, kwekuthi utotala ceje atiphamele indlu yahe. Ingane, ke, yenombi ibe uDiniwe.

Fodo. Ufwana lomfushane neqala wahe umfushane.

Lwanyana. Ingane isuke italwe iyimbi songathi yisilwanyana. Iwufwana.

Nozibungu, Nomazenze. Usuke etalwe nina enga gandayi. Banu sebephelile bedliwa yitibungu. Ngaleso sici nesediwa wunina, ingane yahe yenombatana bayicamba ngekuthi uNozibungu noma uNomazenze.

66 Voyizana. Ufwana. Wacambwa ngemadi ase sidakeni ehla neMzimhulu ngakamadonela. Simuncu lesosidaka. Sinasawoti. Tomo tiyathanja kuphuta hona. Ligama laso uVoyizana.

Mshweshwe. Watalwa ebusika. Kwushweta umoya lobanda uhlekete mathambo etimbeni. Ngaleso sici, ke, ingane yefwana ingaba uMshweshwe.

Sishweshweshwe. Watalwa ngesihathi sekucala kwekuchamuka kwemabayisikili. Kwakuthiwa ayitishweshweshwe.

Hlafuna. Watalwa endlini leyephanayo. Kudla kungesuki enomweni. Siyambi sifike senyulelwe. Wacambwa yisi yambi sathi ene lengane itoba wuHlafuna ngoba kwala nina ebelethe kojwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

66 labahona nabo abehluleki yikwenyulela siyambi. Kuyahlafunwa laha ehaya.

67 Mudli, Mdliwafa. Yise waleyongane usuke eyindlalifa. Kojwa jadewabo agane, alobolwe. Kojwa indlalifa yehluleke yikumthengela imahla leyililungelo lahe. Neyekwembesa banu nababelwayo emtini. Leligama lisho kwekuthi wafica lifa limi lojwa. Watidlela ate ahulumiswa munu. Liyakhala leligama.

Zakaza. Lisho kwekuthi yise unesineke. Noma esegugile usebedi wahe uyaweda, awede kahle.

Mandondo. Wacambwa ngetindondo netatifakwa unina, tikhehletele. Engasatihumuli noma kungasesona sikhathi sekutivunula. Umuve ngato mangabe eseta, tikhehletele.

Nobesuthu, Msuthu. Nina noma uyise usuke encishana.

68 Kungaphambukelwa kwahe, ngoba ungafela enyango, yitinjaba tendlala, kojwa kudla kube kugqwele.

Phephesi. Wayelula. Emkhulu. Emuhle. Emofu ebusweni. Kojwa elula kani ubefanele kusinja mangabe umbuka. Lobulula, ke, buyamba nesici sekuthi ingane ite ibe yiluphephana njena yediwa wunina uloku evumela yise eca ingane incane ephuphuma yena tohe tisuku. Ingane seyite yevela. Iphethwe ngebunuku.

Bulindlu. Ufati wayenganyoluki egqagqile. Kwate kwelaphwa kwayekwa. Kwayobulwa. Sathi sangoma ubambwe ebakasi. Kwashweletwa. Wasinyoluka.

Uthe ethi uyatala bambamba bakasi. Kwayobulwa. Sathi sangoma kwashweletwa ngembuti. Bakasi babefuna iyomo.

69 Kuthe kokuba bayihiphe iyomo bawathethe, babule indlu, watala ufati. Watala Bulindlu.

Shanela. Kwagqagqa mshakazi ekhuthele. Bambona labamwe bashakati kwekuthi utobadlulisela, bamgadla emithi. Kwabulwa. Wamukwa mshakati lomumwe. Kwathiwa ubethi uyayishanela lendlu kokuba ingavuthi. Wehluleka. Nina lowo, ke watala Shanela.

Lahlekela. Waganwa yilivila yise. Bekhwabo bahala bathi, "Tomo talahlekela talobola livila." Ufwana lotelweyo wayeseba uLahlekela, ke.

Sitshasami. Watalwa unina. Waba muhle. Waba luhlata, weva.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

69 Wamhulu. Waba nesithudi. Wathandeka. Yise wamcamba ngekuthi uSitshasami.

70 Bangukudla. Mshakazi neninatala babebanga kudla. Kuthi mangabe mshakazi ephekile, neninatala apheka. Abe segxeka kudla kwemshakati akubeke tici. Afune kubongwe kwakhe. Watala ufwana, mshakati. Ufwana lowo waba uBangukudla.

NomaSayidi. Ngesihathi kucaliswa lidoloba lakeSayidi (Port Shepstone) mshakati wagqagqa ceje wagqigqa hona. Kani unelishenje hona. Wabambwa yinjoda. Yamxolela. Watala NomaSayidi, inombi.

Sibangani. Mshakazi wagcagca ceje wanyoluka sisu. Waliswa unyeni wahe. Aloku ehlupheka unyeni ebuta kwekuthi, "Kojwa sibangani loku sasithandana kahle kangaka na?

71 Ntombiyeqile. Yise usuke ethakatha. Emtini, ke, athakathe nahona. Athi angatala ingane, bemtini bamwethele yona ngesici sekweda kwahe.

Mdeli. Yise walofwana usuke adela inombi lethanjwa yibatali bahe, wateka lethanjwa vuyena.

Nyama. Watalwa ngamdlange kuhlabwe inyama idliwa ekhwabo.

Mfanempisi. Yise usuke eyisilwane. Ufati lo, amshaye agijime naye. Alingise impisi itobulala munu.

Ceku. Watalwa ngamdlange yise etholele inyoni, ethe, "Gweleje!" Bathi labamwe, "Ceku!"

Nkani. Yise usuke edaza iyani nenina. Nenina angatithobi. Batale ufwana abe uNkani.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

70 Bangukudla.

Mshakazi neninatala babebanga kudla. Kuthi mangabe mshakazi ephekile, neninatala apheke. Abe segxeka kudla kwemshakati akubeke tici. Afune kubongwe kwakhe. Watala ufwana, mshakati. Ufwana lowo waba u Bangwakudla.

NomaSayidi.

Ngesihathi kucaliswa lidoloba lakeSayidi (Port Shepstone) mshakati wagqagqa ceje wagqigqa hona. Kani unelishenje hona. Wabambwa yinjoda. Yamxolela. Watala nomaSayidi inombi.

Sibangani. Mshakazi wagcagca ceje wanyoluka sisu. Waliswa unyeni wahe. Aloku ehlupheka unyeni ebuta kwekuthi, "Kojwa sibangani loku sasithandana kahle kangaka na?

71 Ntombiyeqili. Yise usuke ethakatha. Emtini, ke, athakatha nahona. Athiangatala ingane, bemtini bamwethele yona ngesici sekweda kwahe.

Ndeli. Yise walofwana usuke adela inombi lethanjwa Yibatali bahe, wateka lethanjwa wuyena.

Nyama. Watalwa ngamdlange kuhlabwe inyama idliwa ekhwabo.

Mfanempisi. Yise usuke eyisilwane. Ufatilo, ashaye agijime naye. A lingise impisi itobulala munu.

Ceku. Watalwa ngamdlangeyise etholele inyoni, ethe, "Gweleje!" Bathi labamwe, "Ceku!"

Nkani. Yise usuke edaza iyani nenina. Nenina angatithobi. Batale ufwana. Abe uNkani.

72 Khuzwayo. Watalwa uGumede. Elamwa yimaphahla. Ethukuthela kabi kuthi ahlohle imi iyobulala Zulu lowatha tha buhosi bweyise Qwabe. Bamkhuza. Ufati wahe watala Khuzwayo, ke.

Ndayikayihlali (Ihlala ngamayandakazi) watalwa uGumede ngekubodla kwehlidiyo, bemhuta. Leligama lithi inlengo ayinakuhlala, yekuthenga lifa la Qwabe lebukhosi. Litomchuma nje, ngenxa yemalandakazi lawo, bonyoni kayiphumuli, leto tomo netimhlophe njengemalanda latinikwa wunina, Esikhundleni soba atinike lomhulu utinika Zulu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

649

Mshaneli Watalwa uKhuzwayo. Mshaneli watalwa ngesihathi indlu ka Qwabe iphuma itiyambela ke ngekuduba. Yashanela kohe kwayo yatiyambela.

Mahlobo utalwa uMshaneli. Sebeyambile ka Zulu. Lethwasa bephakathi
73 nendawo. Balima. Kuthe laha lingenile lihlobo watala ufati. Watala ufwana Mahlobo. Kuthi Mahlobo kusho kwekuthi "Siyoyambe siwadla mahlobo lohe live leli. Asiyi kuhlala kasi. Solima sidlula ngoba sidedela Zulu abuse kahle nenina, nemalandakazi ahe (Tomo netihlophe) nawedelelwa wunina.

Donda watalwa uMahlobo. Wasuke wavilapha yena kuyambe. Wemba migodi wafaka kudla emigodini ngoba wayekutholile. Ufati watala ufwana waba uDonda.
(Yohe le kuseyiyona inzalo ya Qwabe., ngisayishiya. Ngobuye ngiyiqhube futhi).

Thembani. Yinombi. Nina wayefelwa. Uthe noma esetele lenombi yahe wathi iwuThembani. Okusho kuthi, "Ngethembani noma ngiyitele lelengane? Angethembe lutho ngoba tohe tifa titihle ngititele. Nalena ingafa nje."

Msolwa. Leligama licambwa ingane yemunu labamsolayo kwekuthi uyayambayamba esuku (Uyathakatha)

74 Mgabadeni. Leligama lisho kwekuthi banu bayamcambela mtali walengane bathi yuathakata, noma uyaphinga, kojwa yena akwedi loku. Ngakoke naye uyatiphenjulela uthi uma nimubamile mugabadeni. Musani kumhleba.

Mujojeni. Keseyilona lelisho kwekuthi yise noma wunina walengane baya mcambela bathi uyambayamba ngasese engayambi. Abe setala ingane, ke, ayicambe ngekuthi mangabe nimbamba eda lemihuba, mujojeni. (Ufwana.) Musani kumhleba.

Mlahleni Mshakati usuke ephute kunyoluka sisu. Bemtini bate bamhlebe besho kwekuthi uyinyumba, wato kwanjisa masimba emtini. Bafune nekumxosha bethi unanabo yihona etoteka ngoba tomo talobola xxx inyumba. Kuthi kuwona lowo mkhathi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

emithe mshakati, atale isiva. Bathi akube uVusumuzi athi mshakati, ayi, akube uMlahleni.

75 Zimeme. Nina usuke ewumitiyohe. Ephuma nato tinjaba abuye nato. Kungeho njaba laphuthayo kuyona.

Ingane layitalayo ibe uZimeme (ufwana).

Mashomuza. Yise wayedliwe utimba wa mohucha. Welaphwa, wasinja. Ngoku waganwa. Banu bamhleba enombini yahe bathi ingeke itale ngoba unyeni lo wayenemashomuza etimba. Yasina inombi. Yatala Mashomuza (ufwana)

Gwayise.

Yise wayeyilixhwele lagwayi.

Nontshengula.

Watalwa eyinombatana, emilise kwentshengula. Enciphe ngalesingedasi.

Tholakele. Tholiwe.

Yinombi. Yise wayehlalakundlalifa. Engenabatali. Ehlupheka. Nefati wahe wagqilatwa yindlalifa nemkayo. Watala Tholakele noma Tholiwe. UTholakele usho xxxx kwekuthi ene ino nengi kaje ngayifuna ngite ngyithola nohla.

76 Bangiwe Yinombatana. Lisho kwekuthi boyise nenina bacabuliswe inombi yabo labatoloku beticabulela yona.

Nina wa NOMA

Nina wakhiphwa eyigoduso yesiwa nemwe. Wambanga wamhipha kuyona wasina naye. Ingane ke ibe u bangiwe (babangiwe).

Bongiwe.

Kusuke kubongiwe emtini ngoba mshakati utele inombi kwabuya tomo letalobola nina.

NOMA

Mshakati nenyeni wahe baye basine ceje bahlale kasi bangasebedi. Badonse luthanjo lwabo. Ba sebedelwe wuninatale neyise wenjoda. Bathole ingane yenombi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Icambwe yibatali befwana ngesici sekuthi bamosha salukati nelixhegu bona batongile. Sitoke sibone kwekuthi ~~xxxxx~~ inganyana yabo itodlani. Ake batonge phela. Ingane ke ibe uBongiwe.

**Bonakele.**

Lithi bagangile banu bethi bangakhipha ufati wenanami
77 ngimthanja kangaka.

**NOMA**

Kubonakele kwekuthi lofati utotala tinombi tojwa.

**NOMA**

Kubonakele kwekuthi ngitotala inombi ngoba ngisikwe njenga mdlange ngitala inombi.

**NOMA**

Kubonakele kwekuthi ngemithi inombi ngoba mugqa losuka eyabeni, wehle ceje wagoba edasi nesisu.

**Sizakele.** Ngisitakele ngathola inombi itongifingqela misebedi.

**NOMA**

Licambwa umshakati eswabulela majodakati ethi aaitakala mfowabo wawathathela libwe. Sekuyiloko athwishika nje ngoba etofudwawumina? Woshi! Mame! Ncifi!

**Malezi.**

Yisilolotelo. Malezi zintombi. Malezi Zintombi! Malezi zintombi.

**Ngoza**

Ufwana. Yise noma wunina basuke beyi mavila. Kuthi mangabe
78 kuyiwa esebedini munu alibale yikuthi nami ngobuye ngiye. Usebedi ute uphuthe. Bemtini bathi ngotavataleli (inyoni ngota).

**Zibi** Ufwana nina usuke eguliswe yikwe mitha wabuya kasi. Kuthiwe ubuthwe etibini asati nokuthi unwanwa ophila yini. Ingane, ke, ithiwe uZibi ngalesosici.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 40

Zaguga yimombi. Nina usuke ethole mwenjo eseshuqile banu xxxxxx sebemhleba bethi yaguga thina! Ngeke isayitala neyojwa ingane le. Eve. Abe setala Zaguga ngaleso sici.

Mziyonke. Usina ceje mshakati ayambe ehlala yohe miti le ebwebweta tinjaba. Aphume nato abuye nato axove banu bemtini kube nje. Atale ufwana. Bathi uMtiyohe ngaleso sici.

79 Vusumuzi Usuke ufwana atalwa wayejwa kuyise. Yena watibula ngesiva.

Ntonto. Ntontonto.

Yisiva Ntontonto. Yinombi Ntonto. Losho kwekuthi ihlidiyo yeninatala iyandenga sengati bananakhe bangatala loku yena watalelakasi.

Nokuthula.

Molokatana usuke ehleli ngekuthula neninatala. Engenawo suinjo. Bemthanja. Atale inimbi. Bayicambe ngekuthi uNokuthula.

Ntombi. Mantombi Nombi Manombi.

Kusuke kuyinombatana. Batali bejabulile baphiwa inombi.

Khendlelani.

Mshakati usuke esola kwekuthi injota yahe icomiwe. Abe sekhendla inando eyifakela ekudleni igule injoda . Kubulwe, inyanga inuke mshakati ithi wa khendla enjodeni
80 wayiholela ngesince sahe.Yamnika uthi wekubulala injoda yahe yihona etobe sedliwa yilowo nomkhedleleyo.

Bemtini bamhlalise kabi mshakati bethi elaphe unanabo, aphile ngoku. Aphike. Bathi wena wawukhendlelani? Isinje injoda itale inombi kube uKhendlelani.

Mtobozwa. Mshakati washaza emuhle ebusweni. Banu bambabata bethi muhle. Wayesesitakala. Walibala yikuchenya. Wayeka kusebeda. Watifaka secefe kuninatala. Wamkhipha wamphekisa kungesikhathi. Mshakati lowo watala Mtobozwa ufwana.

Muthi- Usuke nina amtalela ngakasi kwethi (ufwana).

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 41

NOMA

Nina usuke efike ephethe uthi etogqagqa. Wabambwa walahlwa tàgqag ;pwptjo waje½ Wayeselala Muthi.

Boma

Usuke etalwe eneyaba leyisi boma (mubumu. Sibono).
81 Yinombi.

Sibuko Yingane yefwana nehle kahulu. Buhle bwenina neyise buphelele kuyona. Ubabuka kulengane.

Khabize Awusiti lutho mshakati noma ungaboka mangabe ngi comwe yonombi, ngitoyiteka nayo njengawe.

Ngilamkhuba

Yise wayegila mihuba. Noma nina wayegila mihuba batala ngilamhuba-ke.

Ntaka, Nyoni.

Yingane yefwana neyimbulungana songathi yinyoni.

Manxada.

Yifwana noyimingxangxa ngesingedasi, songathi umhubelo wenayiti.

Bekinkosi. Wena linjela iyosi. Iyona netokutshela kwekutshi
82 yejenjani. Leligama elefwana. Liyatihuluma.

Ntanyeni.

Angitisoli kwekuthi ngamganelani umyeni wami. Ngeje lokukeqaleni wami.

Madakwadunuse.

Leligama liyatihuluma. Elefwana. Yise wayethi angajakwa abe sedunusa. Kudunusa kwahe wayejakwa ceje athande sifatana ngemandla. Abe sethatha ufati, nje, wemumu naye ejakiwe emlale elubala yena eqabanga kwekuthi basithele.

Thembwase-Thenjiwe Thenjwase Thandiwe. Yonombatana. Yise usuke enesithembu. Kuthi inanjokati itale ingane. Banakwasho bayicambe ngalemagama bembinqa.

Mbungamayeye.

Yingane neyelama yematibulo yefwana neya nyefutelwayo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

83 Inombatana kuba uNombungamayeye. Lokusho kwekuthi. Khuluma masinyane kungakafwaneli kwekuthi ngabe seniyahuluma. Sibe sesihlala, ke, sisu sona nesingaliyo.

Majozi

ufwana. Yise usuke ekaje ayesebeda eJozibele. Wathola hona ke malungelo ekulobola ufati wahe. Ingane ke ibe uMajozi. Lokusho kwekuthi, ene, kwekuba lalingeho lijozibele ngangingeke ngisine nalomunu ngitale ingane yami nehle kangaka!

Cwengana.

Ufwana. boyise nenina balalela miyalo. Kuthi noma kuchamukatino letivusa lulaka, belulekane. Balalelane. Tihlidiyo tabo ticwenge. Base betala cwengana, ke.

Bongani

Ufwana. Batali bahe bathola ingane yefwana njengesefiso sabo, babonga.

84 Matshana. Kwesuka uthakathi wabulala batali ehawuka ebona beganene bebahle. Wababulala kwekuthi ngeke bayiphathe ingane. Babula belaphwa. Batala ufwana waba uMatshana ngoba uthakathi wayethu yimatshana ani lawa langafi ngithi mina afe?

Sishafuza.

Ligama nelicambwa ingane yefwana ngesici sekuba nina yiloku afika ngekugqagqa, aneliswa yikuhlala ehaya uphuma engena emitini. Aphume nato tinjaba abuye nato. Akathi vu ngesince ehaya wati kuyamba ebwebweta kuphela.

Mona, Nomona. Leligama licambwa ingane yemshakati nofika ceje avuse muti wekhwabo. Kube sokuthi bemndeni babe nemona, babatonje bekhwabomshakazi. Atale Mona, ke. Inombi uNomona.

Mkhuhlane, Nomkhuhlane.

Kusuke kuthe ngesihathi nina ekhulelwe, wadubulwa ukhuhlane
85 nowate wabasolisa kwekuthi ngekugula kwalofati ingane

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 

nemithwi ingeke ilunge. Kojwa atale sihlandla sen,ane yesiva noma yenombi. Ibe seyiba uMkhuhlane noma uNomkhuhlane.

Nomanoli. Watalwa ngesihathi kufike belungu base Norway. Kwathiwa kufike maNoli. Wayesecamba inombatana yahe ke ngaleso sici.

Dufana.

ufwana. Watalwa emfushane, nehlokwana iyisimohlotana, kuyiludakana lwengane nemga samukile.

Maluluza.

Nina wayeyilithatha. Elulutela njengelilulwane.

Bukulu.

Nina wayeyilwila. Afwane avuke ceje alale kasi athi ene uyagula. Injoda ipheke, upheke, yenele yephule abe sevuka qimondo, edla.

86 Nomasamaniso.

Watalwa ngamdlange yise ethole lisamaniso enkantolo.

Nozikoti. Nina wayekhalisa emtini. Kuyiloku kuhona tigiqi labasola kwekuthi atigqwalisi. Bemfanisa nelithanga linetikoti letibuye tisikwe tilahlwe mangabe seliphekwa lithanga lelo.

Ndungunya. Wayehlala yise edungule unomo ngoba enonya (ufwana lo)

Sobuza.

Watalwa uNdungunya wacambwa ngesiqi soba nina wayebuza eyamba miti yohe ephuma engena. Ufwana wahe ke waba uSobuza.

Mswazi.

Watalwa uSobuza. Ngesiqi sekuba waye muje etalwa, emnqane ngetimba, eyililambalidlile. Kwathi ngamdlange ebonwa uyise wathi ene ngitele luswati lwesiva. Kwasekuba yiligama

87 lahe, ke lekuthi uMswazi.

Mumbo

Watalwa uMswati. Wamtala ngekhuhlane nomhulu wetisu lowabitwa ngekuthi yimbo. Wayesemwetha ngawo ke, ethi uMumbo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ngwane. Watalwa uNdungunya. Wamcamba ngesiqi sekuba wathi yise ephuma kudoba ecwebeni, wagola ingwane (inyamatane yakelwandle lemi nedenede) wafika nayo ehaya ngamdlange ufati etele ufwana kwasekuba uNgwane, ke.

Dlamini Watalwa uNgwane. Nina wa ngwane wayepheka esuku. Tingane tivuswe tidle. Ufati wa Ngwane yena wafike wapheka emini. Kuyaswelela sokudliwe kwaphakulwa. Kwathi etibula ngefwana kwa thiwa uDlamini=udla emini.

88 Shange watalwa uDlamini ngesiqi sekuba ufati wahe wayekhuthele elula. Eshanga. Eshabuta esebedini. Watibula ngefwana kwathiwa uShange = Ukhuthele. Wehla enyuka ngekushesha.

Mkhize Watalwa uMumbo ngemdlange litulu linetha kangane likhita. Kwasekuba uMkhize. Losho kwekuthi liyakhiza Linetha kanqano. Liyafefa.

Mavovo. Watalwa uMkhize kukaje kuphitwa lijike izolo. Tisipho tathelwa madi. Kwathi laha ufati ethi uvova mavovo, wasikwa. Wayamba watala ingane yefwana. Yaba uMavovo.

Khabazela.

Wtalwa uMavovo. Wacambwa ngesici seyise ngoba yise wayeyamba asakate. Uthi uyambile umbone eselaha. Ekhabutela. Waye

89 setala khabuzela ke naye nge sici sekuthi nawe nwanwa ute ukhabutele ulingise yihlo. Kwasekuba uKhabazele, ke.

Zihlandlo.

Watalwa uKhabazele. Yena wa yeyisihlandla semunu. Engate angagula. Wacamba ufwana wahe ngaleso sici sekuba songathi angafuta yise naye angabi yisiguli.

Gcwabe

Watalwa uKhabazele. Futhi khabazele wayeyinyanga yemithi eyambe eyigcwaba mithi yekwelapha. Ufati emithi Gcwabe, waguliswa yikwemitha. Watigqwabela Khabazela wamwelapha ufati engamsanga enyangeni. Wayesetala isiva yaba uGcwabe. Lokusho kwekuthi Ngiti gqwabele mina mahambi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

649 K13/27 45

Singele.

90 Watalwa uZihlandlo ngamdlange esinge tinyosi waya kotitapha. Uthe eya ehaya, kwathiwa ungangeni, kubelethwe isiva. Tinyosi tahe tadliwa nganesimwe sihathi. Wayesethi, ke, ngitisingele tinyosi tami ngafika nato ehaya sokufike isiva yami. Ligamu layo uSingele.

Ngunezi.

Watalwa uSingele. Ewumunu nolusica. Ehlala ngekungunaza. Ehlala esolasola. Engeneliswa yikungasoli. Mangabe ehona chaya banu banganci biliki, ngoba bengati kwekuthi utocwephesha bani. Kuthe ngamdlange ufati wahe etibula, nina waSingele wacamba ingane yahe wathi uNgunezi (ufwana).

Nkasa.

Watalwa uNgonezi ngesihathi tiyumbi tekucala setifile kwacha misela inkasa yato. Wacamba ufwana lowo ngenkasa

91 leyo. Lofwana usehona uyiyosi yakembo enjaweni yakeMbumbulu Isiteshi sahona yikeSiphingo.

Tilongo.

Watalwa ngamdlange bakembo belwile kwesuka luchuku. Lwalamulwa yibelungu. Babopha labo labacale luchuku.

Nomhlanga.

Watalwa mehlangeni. Nina wayeyoha madi. Wathi kokuba asikwe, wangena ngedasi ehlangeni, wakhululeka. Uthe eya ehaya wa yesephethe inombi yahe, nje, Nomhlanga.

Mdeni.

Watalwa ngamdlange bakembo bebanga mncele wenjawo yabo [illegible] nabake. Watalwa lofwana mhla belungu benkantolo betohomba mudwa lobehlukanisayo. Kwathiwa uMdeni, ke.

Mlomungadli.

Nina ewumshakati wayephaka ceje ahohlwe yikubekela tisiva

92 tekhwabo mangabe tiye kokweshela. Tiyafika kudla akuho. Abe seyalula etifunela. Kwate kwaba wukhuba wahe nje lona.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

649

Kwate kwabuteka ehaya kwekuthi kani mshakati uphaka kanjani? Uhona yini mlomo longadli laha ehaya? Wayesetibula ngesiva yaba uMlomungadli.

Sondlovu. Ufwana. Watalwa ngamdlange yise ekaje eye encineni. Wafike wabulala iNdlovu.

Mphangwa. Watalwa ngamdlange yise ephangwe tomo tahe yimi yembango yasembo.

Mashingana. Watalwa wuyise eyilishinga lesiva. Wathi kwekuba eve kuthi wa ufati utele isiva, wathi, ngejabula! Ngitele lamamwe mashingana natofuta mina.

Mndlela.

Nina wamtalela endleleni ethi uconje ngekuyamba. Wacheduka wamtala.

93 Dlozela nina wagana ceje ate ahlonipha. Sathi salukati sakehaya kuyena, akwediwa loku laha ehaya. Wena uyobambwa yimadloti ngamdlange utalayo. Bote bathayize ngeyomo kanduba utale. Wathi mshakati wena salukati ukhulumela madlozi ungedlozi. Nempela watala sekuthethwe ngeyomo, kuthayizwa. Watala Dlozela lothi, ukhulumela madloti ungedloti.

Nomphanda Mphanda.

Nina usuke ekaje enyoluka nekudla akufihle emphandeni emsamu kuthi mangabe kungeho munu akudle. Bambone bemtini. Kube sokuthi mangabe tala inombi bathi uNomphanda ufwana uMphanda.

Mudwa Nomudwa.

Watalwa kubangwa mudwa umncele.

Zikhali.

Watalwa ngamdlange boyise bebehoma beya emini yemibango yabo.

94 Mkhwani

Watalwa nina eye kosika likhwani esijakeni. Uthe eya ehaya wayengasaliphethe likhwani, wayesephethe ingane yefwana.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Mthondo.

Nina wayesetale kahulu manombatana esencluvalo sengathi ngeke esamthola notoba yilisenjana abe yindlalifa [illegible] yalamanombatana. Uthe la emthola wamcamba ngaso lesici.

Majuba.

Wa talwa yise ekaje eye kogalela wafika ceje nesiwondo semajuba bamtshela kwekuthi ufati utele isiva. Yabe seyiba uMajuba.

Mkhehlengane.

Nina wayeyilivila. Kuthi mangabe sokulimwa agule kukhehleke malungu ohe etimba mangabe sokufulwa aphile. Ayambe eqela. Watala ingane. Bemtini wuMkhehlengane ngoba nina ukhehletwa yibuvila.

95 Dlenge.

Yiligama lethi wakwa Lembe lowelapha ufati waphila ufike nenyanga. Ingane yaba uDlenge (ufwana)

Mloshana Nomlotha.

Nina wagulis. yikwemitha. Wayesehlala etiko esemloshana. Watala ingane nephilileyo, naye waphila. Ingane yefwana leyo yacambwa ngaleso sici. Iyenombatana ingaba uNomlotha.

Nomaphushu.

Wacambwa yisalukati ngamdlange kutelwe lenombi sejabula sathi nohla ngate ngamthola jadewethu lengitomudla ngeliphushu.

Ngomase.

Yise wayengoma kahulu. Wathi kwekuba ufati atale ufwana, wathi yise, ene, ngate ngamthola mfowethu lengitohlabelela naye ingoma.

96 Dotela.

Wagula nina emithi. Wayeka kuyobula. Wayakudotela wemhungu, besaqala kuba hona. Bathi banu ulokufa lofati weja lokungejiwayo. Wasuke ufati waphila. Walala isiva wayicamba ngekuthi uDotela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ndwayimbana.

Wayecambwe ngesici sesi mosahe. Watalwa emuje emncane lofwana.

Siqatha

Nina wamtalela esimwini eyekoqathela kutshala madumbi. Wagoduka esemgonile ufwana. Wayesecambwa ngekuthi u-Siqathamadumbi.

Klweba.

Yise wayebukhali kumshakazi wahe. Amthathe nasemwini emvalele elawini. Kani khubanu akwejiwa loko. Yilihlado. Kuthi esevulile bambute bekhwabo bafwana bathi "Ubusayephi wethu?" Athi;- "Bengisayokhweba ufati wami."
97 babe sebehleka. Ngoba lohlabeyahe abutwa. Ufati watala isiwa. Ligamu laba uKlweba.

Mehlwenyoka.

Yisiva, yatalwa mehlo ayo ehlaba njengewenyoka. Yayikubuka ukhophote. Kani yona yinqane.

Tshakela. Lutshumo.

Wayethanda kahulu ligudu yise. Abeme futhi,futhi, akhwehlele, atshake, atshume, kube ndakandaka endlu eloba. Unwanwa wefwana abe uTshakela noma uLutshumo.

Gociyana.

Wayemneane enehloko nenencegelakani futhi unesiphongwana.

Mandlakayise.

Yisiva. Yise wayewumunu nonemandla. Etisebedela. Ekhuthele
98 Wathi kuba alibule ngesiva, wafisa waphumesela. Wathi, "Akwabe lonanami utokhula ceje efute mina, athathe lamandla ami naye!" Wacambwa ngaleso sici, ke.

Makhubalo.

Kwathi ngamdlange kudliwa makhubalo kushoniwe, watala ufati. Ingane yaba uMakhubalo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27



Mqedi.

Yise wayeyinyanga eqeda kufa kubanu. Noma yise wayeqeda banu. Ingane ke icambwe ngaleso sici.

Nsukumbili.

Wacambwa ngelikhambi lelasinjisa nina emithi.

Mgxusheni.

Babehlala bemchwephesha mshakazi. Watala isiba. Yaba iMgxhusheni phela, utoniphendula sidabukile sikhakha ngoku buphelile bushakati ngoba use phethe ingane yehu. Utoniphenjula.

NOMA

99 Injoda yahe babeyigxusha, behlebe mshakati kuyona alalele nayo. Mshakati walanja inanjo ekhwabo wayifeka injoda. Yase ilalela yena. Watala mgxusheni.

Mpece

Watalwa uMgxusheni. Ethambile. Emuje. Wakhula nako wacambwa ngaleso sici sahe lowo fwana.

Fayedwa.

Nina wayesaba kutala wate wabophwa minede ngetinambo kwahubutwa timbobo endlini majoda atidonsa ngakandle. Bafati bona bambelethisa. Yena eloku nje ekhala ngekuthi maye ngafa ngedwa indoda ipholile. Watala Fayedwa ngaleso sici.

Mansawulane.

Nina wayenelulaka kabi efika nje ewumshakazi. Walibula ngenombi yaba umansawulane.

Mashula.

Yise wayeyisishimani Sebemhleka engaganwa bemweda silima. Nemahla yahe betedela nje. Waganwa kwacoceka kche sekuphuma kaluhlungu. Wathi ufati Shosho (shula yikuthi
100 shosho) Yikhipheni imahla yahe! Nina naniyidla nanithi angiho yini? Ngiyayifuna. Watala Mashula, ke. Yisiva.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Jomba

Mshakazi wayeca silili alale ate aselwe endodeni. Kuthi banu sebengena kusile, kube yahona ejombayo ebuyela esililini sebafati. Walala isiva Jomba.

Nzolongwana

Watalwa emuje emncane.

M'bijo.

Watalwa emuje emncane engangelubijo.

Balule.

Watalwa ngesihathi banu bephelile oBalule bedle inyama beyose ngetuni temdlebe bethi bayodlela Shaka tomo netiluphonjo lutalela imbwa.

Thathelwa.

Nina wathathelwa emithi kwancamuka kuchama nekunya. Welaphwa wasinja. Watala inombi yaba uThathelwa.

101 Jiyeza.

Yise babemjiyeze kulwiva wafika ehaya watala Jiyeza ufwana.

Sikeyi

Utalwa uNompanda ngamdlange exhoda tikeji ethi utobophela. Lafika livi libika kwekuthi ufati utele isiva. Kwasekuba uSikeyi ka ngaleso sici.

Langisikə.

Watalwa ngekufa kwetomo kwekucala lokwafika kusehona Somsewu kaSonzica. Walalwa uNompanda.

Dobela. Watalwa uNompanda beye elulwandle beyochoda masenene. Bagcwalelwa yilidobela (tide) balala ngale ngesheya kwemfula. Kwasa befika sekutelwe isiva. Yaba uDobela.

Mhlushwa. Watalwa uNompanda kufati lomncane. Bemgcona banakwabo. Watala isiva yahe yaba uMhlushwa.

102 Nsimba.

Watalwa uDobela. Wathi efika nensimba ephuma kotingela, kwakuthi ungangeni kubelethwe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Phuciwe.

Watalwa uDobela naye wamcamba ngesici sekuba kwaphuphuma sisu nesaselama Nsimba . Wayeselama sona sisu leso lo lohona. Ligama leli lisho kwekuthi ngephuciwe.

Holani. Watalwa uDobela. Ufati esebikisha efuna kutikhipha ekhwabo. Esho tohe tino leti. Asho kwekuthi, ene, 'Ngiholani mina ngekuphekela banu bengethuka? Watala ufwana Holeni.

Mshazi.

Watalwa uMhlushwa ngesihathi kungena busika. Kwathi ~~ngamdlange~~ ngamdlange kushaziwe kudla kwabe uyabalwa ufwana wacambwa ngekuthi uMshazi.

103 Mcunukelwa Watalwa uMshazi. Bemtini babecunukela mshakati waMshazi. Wayesetala ufwana wamcamba ngesici sekucunukelwa kwahe.

Luyenge.

Babemyenga mshakazi kani bafuna kumwisa amosakalelwe yimwendo wahe. Watala Luyenge yena etalwa uMshazi naye.

Bekuthini. Watalwa uMshazi. Ufati sebemhlebe wate waba manikiniki. Wathi ngamdlange etele wathi bato ngibeka bangithini mame? Ufwana lowo wayeseba uBekuthini.

Mkhethwa.

Watalwa uMshazi. Ufati babembamdlulula kunabamwe. Bemyoca njalo bemchwephesha. Watala ufwana Mkhethwa.

Mzondwase. Watalwa uMkhethwa ufati wahe bemtonja banakwabo.

104 Nomatoho. Watalwa uMkhethwa. Ngesici sekuba nina wengane waye mithi egijima ematohweni elinga kutifunela lokomsita ngemdlange etele ngoba injoda yayingamniki lutho.

Ntombiyomuntu.

Watalwa uMkhethwa eshayekile yiligama laNomatoho. Wanele wemitha ufati waba yiyosi. Kwabutwa nekuthi uthanjiswani wesweleni, wanikwa. Ihlidijo yefati yathi cosololo. Watala Ntombiyomuntu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

A13/27

52

Mkwethu.

Watalwa uMkhethwa. Elama Ntombiyomuntu. Esemphethe kahle ufati. Wate wathi ufati yihona ngikwethu ngoku ingane yenombatana yase iba uMkwethu.

Khushu

105 Watalwa uMkhethwa. Ufati etshela labamwe ethi mina noma ngingafunani, nani, nani, kweyami injoda, ayithi khushu! Isuke nje inginike. Ingane yaba uKhushu inombi.

Phikeshilo.

Watalwa uMkhethwa. Bafati bambuta lofati kwekuthi yena weda ngani kukuba injoda ithi ikade ixhwalile ibe seyiphenduka imbuti yahe nje ngoku. Wayesethi yena wakhendla ~~xxjx~~ inanjo wamweda ngayo. Weva Mkhethwa. Lesuka licala. Wabutwa. Waphika woma geqe ufati. Wayesetala Phikeshilo.

Dinsi.

Watalwa uMkhethwa. Ufati esebaklolodila bangani bahe nahuluma nabo tinjaba ethi Nitholeni, ke, niya kongixabanisa nenjoda yami nithi nginenanjo? Inganti nghuluma nje isingidinsile ngebukhosikati kani ngiwufati weditthathu!

106 Mathanga. Watalwa ngemwaka mathanga ehlade kahulu etifeni tekwenjulela.

NOMA

Ingane yatalwa inemathanga layimivingqivingqi songathi umunu lomjala.

NOMA

Nina wengane wayesetale kahulu, kuthi ngamldange mnumtane etokweca ingane abe seshiya sisu. Ngalelisu ufati wabopha mathanga asate sahlala sisu. Wayesethi ngisitwe yilabangitshela bathi "Bopha mathanga". Ingane yaba uMathanga.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Nkabikazi. Nina wafike ate anyoluka sisu. Bamwethuka bathi tomo tilobole iyabi lengatali banu. Wemwitha ufati watala Nkabikazi.

Nomahlentu. Lengane isuke iwum'bemi nje loyiluhuntshu lwema hlentuhlentu. Icambwe ngaso leso sici sayo.

107 Jezile.

Mshakati kwakuyiloku njalo bemgxika. Kuthi kungelutho babe sebemwethwesa macayana nangasile. Naye wate waba nemoya wekuthi kani ngatijezisa ngagana lenjoda! Wayesetala inombi yaba uJezile.

Nonkanyiso.

Watalwa ngesihathi banu sebelahla mihuba yebanu sebethi isemuva. Sebelanjela mihuba yebelungu. Sebethi bona bayinkanyiso.

Thengani.

Mshakazi wayengaphathekile kahle emitini. Wate watijela lokumwe wakuwuhla ngempama lakusathi , kuyamyoca wathi, "Kungabe ngithengani kuwena?". Watala Thengani (Inombi).

Lahliwe.

Usuke mshakazi esine ceje wadlala malungu emtini. Athule

108 Kuthi esuku abaqebe kunyeni. Unyeni naye asuke amlahle ukahe. Avune banu bekhwabo abe setala-ke mshakazi. Inombi layitalayo ibe uLahliwe. Ngesici sekuthi injoda yangilanja ekhwethu kani itongilahla.

Nombani Yinombi. Yatalwa ngamdlange libaneka, litulu liphenjule kabi. Liduma linyatima.

Mangelephi Yinombi. Nina usuke ebambwe nenjoda layeda lishenje lahe. Wabaleka. Mangabe sebeyisusa muva injaba, aphike. Athi ngabe kuhle kokuba nangibamba nayo mangala niphethe sibonakaliso ningamangalaphi, ke, ngoba aninasibonakaliso? Ingane yahe ke ibe uMangelephi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 54

649

Chithekile. Yinombi letalwa umshakazi ethe efika emtini kwashisa

109 wayesethatha injoda yahe bachitheka. Batahela baha bebona hona. Babikele boninatala ke ngamdlange ebelethayo mshakati. Boninatala ingane bayicambe ngekuthi uChithekile Lokusho kuthi uchithekile muti kwathathwa inombi nenje.

Nomvunge. Yinombi. Italwa umunu bemusho. Kushiwo yikuba kuvunganywe ngawe kuthiwa uyeba, noma uyathakatha noma uyaphinga, noma unokufa.

Vuso.

Ufwana. Nina wamtala welama ingane lengeho. Eseyiloku enelixhala songathi nalona ntoyamba amshiye njenga nomumwe.

Dakane. Kwakuyinombi. Itelwe iyilujaka njena. Kungaconjakali nekuthi itophila yini ngoba lengane igala njalo nje.

110 Nomabulawo. Nina wayenelibulawo. Bemkhunkulile. Ephuma tigaxa wohe utimba. Kwate kwa thanja kusolisa ngekuthi ngeke ayiphathe ingane lomunu. Kojwa washo nganeyulu ingane yahe lena, Nomabulawo.

Nokuqonda. Nina usuke esine ceje waphatha kahle emtini tohe tino taconja kahle. Abe setala nokuconja, ke.

NOMA

Yise wa lengane usuke ebe nengconjo nehle yekuganwa, wateka ufati noconjisa tino kahle.

Nomusa. Nina usuke enomusa emendweni wahe.

Ndawembi.

Lonwanwa usuke etaleke kalukhuni. Nina esaba, acishe kumwekhama, kojwa bambona bafati bamshaya nina, bambamba. Kube sokuthiwa usinje enjaweni nembi.

111 NOMA

Kusuke kulukhuni kubeletha kwalofati, kojwa waba nehlahla basheshe babona bamfunela mkhipheli.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Mabekedwane. Nina walengane usuke ewumphumi nato nembuyi nato tinjaba temtini wahe. Kani uthetho webanu uthi noma kungate kuthakathwe ekhwenu, ungeke ukhiphe manyala emuti uwatshele banu bangakandle. Yena, ke, weda mabekedwane wakhuluma manyala emuti wahe egane kuwona. Watibula ngesiva yahe bamwethela yona kwaba uMabekedwane.

116 Nomacala nina wayeyilixoki. Laho la ekewahuluma hona, utohuluma nge munu. Bamtshele ceje, kute licala ehaya selivutha lithi be. Munu elobula kumshakazi kwekuthi wubani nothe ngicambele kuthi nekuthi? Kulanyulwe semshaya. Banu bemtini bate basho bathi, "Hhawu! Safa yimaqala bamwethela inombi yahe yaba uNomacala.

Nyube. Nina usuke ewunyube. Enetihloni netiyulu. Mangabe kufike banu abe netihloni netokubabingelela loku. Watala isiva yaba uNyube ngaleso sici.

Nelani. Yise wayeyiyosana. Tinombi tekhwabo tanjinja tohe ayaba biho naleyojwa neyalobolwa ngetomo yadlelwa. Nefwana lona watilobolela ngetikhwepha tahe. Watala inombi yaba

117 uWenelani wena ngebundlalifa baho loku bojadewenu bandinda behe awadla lutho? Ligama layo ke laba uNelani.

Sinana. Wacambwa ngesimo sahe. Kwa kukufishane kuyimabwaklatana njengeliselesele. Kutalele kasi njengesinana. Kwase kuba uSinana. Inombi.

Khushwa. Wathi efika ninatala enelulaka, wamkhipa indlu yahe enga katibuli. Watala isiva yahe wayicamba ngekuthi uKhushwa.

Landela. Ewekhwabo Khushwa. Ninatala wanabokhushwa wabuye watisola ngekukhipha kwahe shakati. Wamfiqa ekhwishita nengane yakhe ehlane ewuvushisiwe muti wahe. Wayesemlanjela eyohlala kwahe. Uthe ephinja wayelala isiva yaba uLandela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

118 **Ntolwane.**

Wacambwa ngethi nowamphilisa egule kabe emncane. Lowothi uGweje obonvu onjengentolwane.

**Ngangaye.**

Mshakati watibula ngenombi yahe iyincwaba! Yafa. Waphinja lemwe incwaba yenombi futhi. Yaba uNgangaye lowaya lowayambayo.

**Ndada.**

Wacambwa ngemutsha weyise lowawumdada. Unuje.

**Mpayiza.**

Wufwana. Wacambwa ngesici sekuba yise wabala mabwengamdlange eyolobola nina walengane. Bamgqagqisa. Bathe sebelanja tomo, wampayiza. Engenayo neyekubika. Kojwa wetsheleka waciciyela wabakhipha bayamba. Amanga ashiywa emtini.

119 **Khulelaphi.**

Kulomuti kwakuhona ufati nowayephethe inanjo yelixhanti. Seli khatshatile, ligedla tingane leti. Kwasekutalwa x lenombatana ceje batali bayo bayicamba ngesici sekuthi ingane yethu itohulelaphi loku nayo itobulawa yinokubulala labamwe?

**Mbokodo.**

Watalwa emhulu kabi. Wacishe wamqhumisa nina lofwana.

**Khangwayini.**

Kwacambwa lenimbatana ngesici sekuba nina wayaliwa eseyinombi. Aliwa yibatali befwana. Kojwa ufwana emthanja kabi. Bethi batali, "Kojwa lofwana ukhangwa yini kulenywana. Wamthatha ngeyani ufwana kani yilibwe lefati. Watala Khangwayini.

**Nomcabango.**

Unina walengane wayegane silwane. Unyeni wahe enelulaka lwebuphoxo. Wathi emgana babemnyundela bahlobo benombi. Kojwa ya mgana.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

120 Muti wabo waba muhle ngesimanga. Injoda yalunga ngesimanga. Yediwa ufati wayo nowayifunjela lisu. Wayihlonipha. Wayithanja. Wathula ma imphoxa. Ninatala wacamba inombi labatibula ngayo wathi uNomcabango, (nina wengane)

Nobani. Ngenagama.

Leligama elemanambatana. Nabonobani usuke esaba kutala. Nanabongenagama futi, usuke esaba kutala. Bafati lababelethisayo bamjudute ngekuthi ene, "Utote wehlulwe yikutala, wekhame ingane ungangoba ungaka? Uyingane yemunu kangaka? Suka! Musa kutihleba! Lokungqono yifa kusinje ingane yebanu! Inganti nobani wayitala ingane engelutho! Inganti walokungenagama kwayitala yangiwa? Wena wehlulwa yini? Tala!" Atale.

121 Stofela.

Nina kwakuthiwa ngeke atale ngoba wayeneteshell letiningi. Wacoma yise kaSitofela ceje, tamphonsa tesheli tatofela luphonjo lwembuti lwegswala titofu ngetitofu tethi. Tambamba tisiva, tamfuda luphonjo. Tamwethwala tamusa ekhwaboseshell. Weca wayogoya kuyisaboStofela. Wasina. Watala isiva yaba uStofela.

Manise Mama Mamsane Mani Mamase.

Yimagama lamahle lawa nabonisa kwekuthi ingane iyathandeka.

Mdingwa.

Bebemdinga unwanwa wefwana ngoba nayise uyejwa ekhwabo. Bathola inhlanhla bathola Ndingwa.

Nkiba.

Yindlu ngelulimi lwekuhlonipha. Leligama lithi ngate ngejabula ngawuthola mwendo ngatala ingane yenombi!

122 Zenzele. Kusuke kuyinombi. Nina usuke engevi ngekutshelwa. Etedela tino natibonayo, noma bethi bayamweluleka bemtini angevu. Atale bamwethele ingane yahe ibe uZenzele.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Mdlume ufwana. Ucambwa ngesimilo sahe. Usuke ewumgxomo nje. Emnyama. Netimba netitho kuyimigxomo nje yemilulumbe.

**NOMA**

Yise usuke ethe esina wayesemkhulelisile nina. Abe secambwa kuthiwe Mdlume ngesisu engakagcagci mfo kaSibanibani!

Magevwase.. Yinombi. Italwa wumshakazi nophindulana naninatala, adaze iyani naye nemajodakati ahe. Kani lokweda kuphambene nethetho wekwenja. Mshakazi uthulela tino tohe. Uthi angatibula ke, bamwethele ingane yahe ibe uMAGEVWASE.

123 Nsele Nina usuke enelulaka. Ingane yefwana bayicambe ngensele ngoba iyinyamatane nenelulaka.

Mahlamvana.

Ufwana. Ucambwa ngesici sekuba yise waganwa ufati lobukekayo ngetindlela tohe. Esehlule tisiva. Wagana lomunu. Timbangi tithi "Ohho, wala thina nje ugana mahlamvana lawa! Yeka iyabu idlala ngemoba!" Ingane ke, icambwe ngaleso sici.

Nomangqula.

Yinombi. Wacambwa ngesiteshi mongula. Ngoba watalwa ngamdlange siteshi sahiwayo, kusuka sitimela eMzimkhulu (Port. Shepstone) siya eZingolweni. Yena kubo kwakuhona ejute nesiteshi leso Mongula.

Phumephi.

Yiligama lenombi. Icambwa ngesici sekuba nina wayeyeka sengathi angeke ayiphathe ingane. Eseyiphethi, uyabuza kwekuthi, iphumephi ke.

124 Simama. Yinombi. Batali bayo basuke besimeme etihlidiyweni bathola inombi.

Mpikase. Ufwana. Nina usuke onakele. Kojwa enenhlahhla yeku ngabambwa. Kuthi noma bengqumuta ngaye bangabi nacinisho ngoba abambambi. Naye uyaphika. Atale ingane yahe bamcambele ligama laye ibe uMpikase, ngaleso sedo senina.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Mkayise. Yinombi. Magoci wayehluluka yisithembu. Engatigcini tisuku letilinganayo kubafati bahe. Athathe tisuku tebafati atihlale kananjokati. Uyafika kubafati ubatshela macebo. Bayamthuka bathi Unemanga mkayihlo. Wacambwa ngaloko lonwanwa.

Sidina. Nina wayengasayiboni injoda. Ifike ngamdlange itobeka
152 sisu wate wathi kani nginesidina. Injoda ayiseti kwami. Isihlala kaNananjikati.

Mshanela. Wayehala ufati ethi sengiyagcina nekutala. Injoda ayisafuni nekungimithisa ngenxa yesidina lengasiphonswa yinanjokati. Ngiyashanela ngalengane.

Mphonswa. Ufwana. Nina wa yekhala impela. Engasayitholi nempela injoda. Esekhulumela futhi. Aliwa. Ethi uphonswa yinanjokati. Ingane yacambwa ngaleso sici.

(Iphela laho ke indlu yekhwabo noMasonta kuMagoci.)

Hubela. Watalwa emuje eyiluhubela lwemlisa nonabogalo labaje. Etalwa uMagoci kulomumwe ufati. Wacambwa ngesici sebuje bahe.

153 Nozindaba. Welama Hubela. Yinombi. Nina wafika ceje wejwayelana nemiti yohe lena lengejwayelwe wuninatala. Wethwala tinjaba temtini taphumela ngakandle. Inombi layitalayo bayicamba ligama lekuthi, ene, uNotinjaba.

Msebenzana. Nina wathi efika kwathiwa emtini uyilivila leliloku lithutha tinjaba nje kuphela. Kuthe kukekhathi bambona kwekuthi noko songathi utoba nesebedana. Ingane leyelama Notinjaba yaba uSebedana.

Nkazana.

Watalwa ngmdlange yise ekaje eyolapha eMampondweni wafika ufwana kuthiwa ufwana yinkwenkwe, inombatana kuthiwe yinkazana. Naye ke ingane yahe yenombatana yaba uNkazana.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

154 Maweni. Watalwa ngesikhathi yise enukiwe, kwathiwa tilwane leti netijikijela banu emaweni etahe ngoba yena ufuyela emaweni. Ingane yacambwa uyena. Eyicambela sona sici sekwethukwa kwahe. Yayiwufwana.

Makhulu. Wufwana. Wacambwa ngesici sekuba lemunu wayetele ngempela kubafati bahe. Lofati mangabe ebala tingane talomunu athi tiyima khulu. Ingane yacambelwa kuleso sici. (Iphela laha he indlu yekwabo Hubela kuMagoci.)

Mhlaleli. Watalwa wuMagoci. ekaje eti khongela yena. Watibula ngamhlaleli. Emcambe ngaso sici sekuba yena watihlalela kunina, walengane. Kani kulabamwe bafati ubeye abe nemhlaleli lamthumayo.

155 Maguza. Watalwa waba yisigaxana waba njengemaguza lawa lahladayo kwejiwe ngawo mathongwane agwayi.

Nomyeko. Nina wayenemyeko lomuje. Myeko yitinywele nelephothwayo tibeke kasi. Lomumwe myebo ugcobwe mafutha nentshede lomumwe.

Mphece. Wayethambile. Athi mangabe ethi uyahlala afwane nje athi phece. Yena wate wacambwa esehlala.

Nkositini. Yise wayewumshayi wenkositini. Ingane le yefwana yatalwa yise esaye koshaya inkositini emjadwini.

Gcugcwa. Phangwa.

156 Macimbi. Yinombatana. Nina wa yethanjiswa macimbi (yisilwane lesiyinhlobo yesicabucabu. Kumnyama nemabala lahlophe . Kunetiboya. Kuyadliwa). Uthe mangabe esetala yona inombatana wayesethi uMacimbi.

Mubodolozi. Ufwana. Wacambwa ngesimo sekuma kwakhe. Wayewumbodolozi. Inkonova nje embi songathi wayengobumbwa engakapheli egxobongwe wagxobongwa.

Gugile. Nina wayesegugile. Sebethemba kokuthi angeke esatala kani utoli tala lithunjana lahe laba wuGugile ngaleso sici. Yinombi. Iphela laho ke indlu yekhwabo Mhlaleli kuMagoci.

Nomadikazi. Nina wasina eyilijikati. Yena umkaMphloza lomhulu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Nkosana. Yinjodana yeyosi. Yilitibulo laMpholoza.

157 Ngiza. Ngoza. Yise wamtala ngesihathi ethi ene utoganwa yinombi yesibili. Eloku njalo ethi ngote ngiganwe. Ingane yefwana yase iba uNgoza.

Dwibi. Nina wayemtale ngesikhathi injoda imweilitela, icomwe yinombi letoyiteka ibe ufati wesibili. Ufati waphenduka sigqili. Waphathiswa kweludibi. Ingane yefwana layitalayo yaba uDibi ngaso leso sici.

Mabutho. Yise wayejabula etele tisiva titiningi. Wathi ngitele mabutho. Tatitingako ke tisiva taMpholoza kufati wekucala.

Nomoba. Watalwa ngesikhathi kucalwa kulima umoba eliweni lekhwethu. Thina sasati ife. Moba wafika netive. Lo, kwakuwufati wesibili waMpholoza.

158 Vala. Nina wafike waliwa. Wayesethi kani mnakwethu uyena lophethele ngakemsamu mina ngivala enyango ehlidiyweni yalemunu.

Nomakholwa. Watalwa ngenyaka Mpholoza ephenduka likholwa.

Ndabezinhle. Tnjaba taba tihle banu sebeholwa. (Yitingane taVala).

Zwelihle. Live laba lihle sokuphele nesikhwele banu sebeholiwe.

Fanile. Wufwana. Watalwa wefwana nebanu bekhwabo. (Yitingane taNkosana).

Mpompi. Yise wayekhulumela futhi, efwana nemthombi wemadi empompoza.

Sizani. Wagula kahulu etelwe. Nina wate wathi Kusitani kuthola ingane ungeke wayenela? Yacambwa ngaleso sici.

159 Nhlanzi. Nina wathanjiswa ihladi ngesikhathi emunithi. Wabeletha ceje wayetha inombi yahe ngaso leso sici.

Ntontozi. Yinombi. Nina wathi emumithi wayeneluvalo lwekuthi kazi lelisu litomuphilela, nekuba litomgulela njengela Sizani yini? Ihlidiyo yahe yahlala ithi nto, nto,nto, enesifiso sekuba abe nengane nephilayo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 76

Phuphuphu. Ihlidiyo yenina yayiphuphuma ngesikhathi emithi,
ethanjiswa injoda yahe, nayo imthanja. Lababebukele
balubona ngemehlo luthanjo. (Lo, unukangoza.)

Dumephi. Yise wayetichenya. Echenya kahulu kunaNkosana, kani
160 yena abutho ngoba welama iyosana yona idumile ngebukhosana
bayo. Ngoza yena uchenya nje udumephi? Ingane yacambwa
ngaleso sici.

Mbusi. Yilitibulo laNgoza. Ephenjula labathi noma echenya alutho
ngoba engeyona iyosana. Wathi yena, noma ngingelutho
ngiwuMbusi endlini yami.

Shudaza. Nina waba yilivila ngesikhathi ekhulelwe lelisu. Athi
mangabe etokweda usebeji lite lishone etingasha ebamba
eyeka eshudaza. Engaphumi abambe usebedi lowo awede.

Hhiya. Yinombi. Nina babemnxifela bethi kwadlala tomo talobola
lite. Ino ingeke ikwati nekutala ingane yojwale, bebona
eke walibala kunyoluka sisu. Litibulo lahe lacambwa
161 wuyena ngaleligama ngenxa yaso leso sici.

Fubu. Nina bathi bethi uyancelisa kani usekhulelwe. Babona
ngoba sokufubuka imfumbe nje, iqhibuka njengelikhowe
sisu-kani umithele ingane iyinqane. Yase icambwa ngaleligama
lenombi lelisho kwekuthi Qhibuka.

Manwayi. Yisiva. Nina wayenqishana. Kojwa ekuthanda kwebanu.
Uthe ngamdlange esetele banu bemtini badlalisa ingane
yahe ngekuthi, "Kokomuntu nwayi, nwayi, kokwaho gongo.
Bate balinganise kunwayitela nekugongobala nge mumwe
wekukhomba.

Sicholo. Watalwa enetinywele letiyisiyobinga elukhakhayini.
162 Tingekho ehloko yohe.

Benzelani. Yinombi. Nina wafike wagabeka emtini. Bemphethe
ngenomo. Wayesethi yena, bedelani banu bemtini ~~km~~
kungiphenjukela ngibathanja kangaka?

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ngenagama. Nina wayengenagama langasola ngalo banu bemtini wahe ngoba wayalwa kwathiwa emtini kothiwa uyivila, uyeba, uyinuku, uyaphinga uyathakatha, uyilixoki. Kojwa wena Thula. Bamba menjo waho. Ngakoke abanga naligama langabasola ngalo ngoba ma bemthuka beda ino nayalwa ngekuthi bayoyeda. Yacambwa ngaleso sici lenombatana.

Hlabamkhonto. Wufwana. Yise wayebonga kuhlabana kwahe, ehomba
163 inombi asine nayo ceje imphathe kahle, ibuye imtalele
tisiva. Wayesithi ukhono wami uhlabe inyamatane neyilusito
kumina. Esho ebabata ufati wahe.

NOMA

Yise wahlabana ngekhono wahe emini, layeyilwa.

Sijumba. Yinombi. Wacambwa ngekumila kwahe etalwa. Wayemhulu emfushane eyisigaxana njengembila uyisiqikili elisakeni.

Nobatshafwa. Yinombi. Nina wafika ceje emtini weda tino letimbangela kwekuba ababatwe ngekuthi muhle noma ngekuthi mumbi.

Mvotwane. Watalwa sekwafika belungu. Sekwatiwa livoti. Leli gama lisho kwekuthi uMhlanganyelwa. (Ufwana).

Mtholiwe. Yisiva. Nina wayegqilatwa emtini wahe, sengathi bamthola

164 Nyumbase. Yisiva. Nina wephuta kusithola sisu eshadile. Base bemwethuka emtini bethi uyinyumba akatali, watokwandisa miphulu kwaba buhlungu kuyena. Wayesesinyoluka watala isiva wayetha ngaleso sici.

Ntombomhlaba. Watalela kasi kahulu nina. Uthe noma eselele lenombatana ate aba nasibinji sekuthi itophila. Wanqena songathi ene nayo itofa ilanyele lababafayo. Wayicamba ngaso leso sici. Yaphila.

Mgxoshiswa. Nina basebethi kuhle injoda yahe iganwe ufati lotetala imxoshe lona nofelwayo.

NOMA

Yise wayeyothakatha ebusuku emtini. Wabonwa ceje bamgxoshisa wasinja ngekulambisa. Wafika ehaya ufati watala ufwana. Ligama laba uMgxoshiswa ngaleso sizathu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

165 NobaNguni. Yinombi. Yatalwa mnyamana songathi uMnguni. Iyimbi. Yacambwa ngaleso sici sayo.

NOMA

Nina wayencishanisa kwemnguni neMsuthu. Unwanwa wacambwa ngaleso sici. Kunesimwe sihatshi kuthiwe ene, uNobesuthu.

Bekukuphiwa. Nina wayeyilivila. Engalimi. Engapheki. Kulime kupheke ninatala. Yena abeke kuphiwa. Watala ufwana. Bemtini bamcamba ngekuthi uBekukuphiwa, ngaleso sici.

Mcwana. Ufwana. Wacambwa ngesimo sahe. Wayetalwe emncane emuje njengenambo.

166 Nomakhofi. Watalwa bonina sebefunje kuphunga makhofi. Yinombi.

Casekeleni. Nina babemwethuka wate watala wegqwalisa muti. Wate wathi mina ngicasekeleni ngiyeka kutiphumela indlu yami ngi tiphekise ngingaphekiswanga.

Nozihogo. Watalwa ngesihathi kufika befunjisi ngekhathi kwelive beshumayela kwekuthi kuhona sihogo sekushisa banu labangevi.

Phetheni. Watalwa ngamdlange yise ehlomule inyamatane. Naye wayi bopha kahle inyama ethi utofike aqagelise wakwahe kwekuthi umphatheleni. Useyafika ehaya kuthiwa, "Ungangeni kubelethwe inombi. Yise wayicamba ngekuthi uwuPhetheni.

167 Mandawane. Watalwa ngamdlange yise ebuya kodoba ~~mgm~~ egcwalise sikhwama sahe selilala nesigaxwayo, esegcwalise tihladi. Waye secambwa ngaso sikhwama leso ngoba siwumadawane.

Nomnyango. Wathi yuaphuma nina kwala kwekuba edlule. Wamtalela hona enyango unwanwa.

Maphilobana.

Watalwa ngmdlange lijiki liseyiliba. Nina waliphuta ceje lelo liphiliba (ligwele) laba yimbele kisane kuyena. Inombi leyo yaba uMaphilibana ngaleso sici.

Ntabeni. Nina wamtalela enabeni lofwana.

168 Hlathini. Wamtala eye kothola ehlathini. Uthe eya ehaya waye semgonile.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Nolwandle. Wayeye elwandle nina, wafike wabelethela hona.

Nomfula. Wayitala inombi yahe esathi uyoha madi efuleni.
Washiya imbita wagojuka nengane.

Nomoya. Watalwa ngamdlange kuboke umoya.

Nomithi. Nina wayefelwa. Wamiselelwa ngemithi.

Nomsombuluko. Watalwa ngemsombuluko. Yena eyinombatana.

NomaSonto. Lenombi yatalwa n eliSonta.

Nyakamubi. Watalwa ngamdlange umwaka umubi.

Muboji. Loshakati watala ceje waqabanga kwekuthi ku wuthetho
169 kwekuba ninatala utomubojela ingane noma mshakati engamwedele lutho. Wathi ninatala, "Woshi! Umufiqile muboji wahe lotomubojela. Ingane yefwana yase iba uMboji ngaleso sici.

Paniwe. Nina babemwencabela bemtini bethi khuhle angayambi ekhefuta ngabo emitini laha. Yena wathi bayamhlolela mangabe bempana. Watala Paniwe. Inombi.

Mkhuzwa. Nina wasina ceje wafike waba yilithatha. Kwaba yiloku bemkhuta bakemtini. Yena ebonakalisa kungathandi kukhutwa. Uthe mangabe ebeletha wacamba ingane yahe yaba uMkhuzwa.

Nkantolo. Kwakucala kwekuba munu ate ayoshada enkantolo. Banu babekaje bemelwa nje ngesizulu. Ingane yabo yaba uNkantolo.

NOMA

170 Yise walengane wayeye kothetha licala enkantolo. Uthe efika ehaya, ufati wayeselele isiva.

Mnukwa. Yise babemnuka bethi uyathakatha.

Shangushangu. Yise babemnuka bethi uyahambahamba (thakatha)

Gabane. Watalwa emhulu emfushane. Efute libele leliwugabane leliye libe lihulu lithele ngempela kani lifushane.

Jaheni. Wathi ekhonga mkhongi kwase kukhonga nekhwemwana. Bathi bakhwe, "Ujaheni ukhwemwana? Sengathi angake amone unana wethu." Ingane yabo yaba uJaheni.

Nokukhanya. Watalwa sekusile, kukhanya. Eyinombatana.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

171 Langa. Watalwa emuhle ngempela. Engabekeki. Efwana nelilanga.

Mshikisho. Watalwa ekaje eye koshikisha yise. Wafika ufati esephethe sigaxa nje sesiva yahe.

Mafika. Bekhwabo bathi ngamdlange etelwe, bathi ene, Kwafika munu nomusha nohlanje. Uloba ubani? Utoba uMafika.

Phefeni. Nina wayesete waba yinombi neshuqileyo egana. Sebemhleka.

Nomthandazo. Nina wayengasinyoluki sisu. Wate wabita maholwa amthanjalatela eyosini yawo emcelela sisu. Wasithola Watala nomthanjato.

Ngempi. Watalwa ngempi. Nina wamfaka embengeni wamwethwala ngayo amfihle ngetino, bebaleka. Wayesecambwa ngaleso sici, ke.

172 Nonsingizi. Watalwa kuzula tisingiti ehaya. Banu bethi yisibango. Kwalanjwa inyanga yabethelela icinisha lihaya nebanu.

Magoda. Watalwa lofwana ngamdlange kugqabuka ligoda kaNodwengu edudusini, ngemgcibelo ekuseni ngamdlange unungu nohlophe wema wathi bohe banu mabateke. Tomo telilobolo yilishumi nengcuthu. Kusho Somsewu kaSonzica.

Sonzica. Umunu nolusica. Idlela yahe nengaconjakali kahle. Kani uphethe banu. Kojwa bamwesabe ngekumwencena. (Ufwana).

Somsewu. Nohlanje mangabe ingane kuthiwa uSomsewu, kushiwo kwekuthi nina ubambelele emihubeni nemijala. Naye usete
173 wagana esemjala njengalabo nabasebebadala bengenakugana bengajutshiwe yimahosi. Bale bahululwa uSomsewu wabajuba emhlophe. Bayamthanja banu wabahulula.

Nozibagno. Nina wayekhiphwe uyise wale ngane eyingoduso. Kwathi ngamdlange besinayo kwesuka tibengu temoya lajuma alonanga. Kwathiwa yisibagno sembangi. Ingane le yenombi yacambwa ngaleso sici.

Zondeka. Nina wafike watonjeka emtini. Wayesathe uyatedelela bamgxeka bemtini wahe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

649 Mjwebu. Yise wayeyilenhlobo yebanu labangambuki munu etihlavwisu temehlo. Amthi nklwempu munu. Ingane yahe yacambwa ngaleso sici seyise.

174 Mthuli. Watalwa kuhona luthuli lolunemundla. Luxhopha banu. Lengane ba sebethi ilethwe ngeluthuli. Yase iba uMthuli, ke. Ufwana.

Mgxosheni. Mshakati wayengemile kahle yena ethi uyalungisa. Bamgcona bemtini wate wemuka. Bekhwabo bayolwa hona emtini bathi Mgxosheni unwanwa wethu, engabe nithi wedeni. Ingane yaqambwa ngaleso sici.

Nomkhubulo. Watalwa tinombi tiye kolima isimu yeyosatana, nomkhubulwana. Libalele, litulu lomisile.

Nomagodi. Nina wayetala tingane tife. Atitale, tife. Atitale, tife. Wayesethi kusitani kutala kwami, loku ngitalela eligojini njena? Inombi leyo yacambwa ngaleso sici.

175 Mubwamazi. Nina wayetibwamata etihalela ehulelwe. Ethi akhulelwe luto, ino netofa eyitala lena! Kani utosho nganeyulu ingane yahe letophila ingafi ilanjele letimwe.

Nomkhosi. Watalwa ngamdlange kubuthene umkhosi lothile lowawumemiwe kwekuthi awubuthane ngalelo langa.

Nozidubule. Nina wamcamba ngesici sekuba wayesekholiwe yitijubule, ebiklitwa yinjoda yahe.

Hloboluni. Wayesolwa nina kwekuthi uyaphinga, kojwa engabambwa elucobweni. Wayesetala inombi lengefwani nebanu bemtini wahe. Bamcamba unwanwa bathi uHloboluni.

176 Nomzinto. Nina wamtala ngamdlange eye eMzinto.

Ntshebeni. Watalwa yimpunga, waba muhle. Kwathwa kani kuphuma munu lomuhle kangaka nakentshebeni? Ufwana lowo wacambwa ngaleso sici.

Lifa. Watibula ngenombi. Wathi libuyile lifa lami nengalobola ngalo nina.

Nomdoni. Nina wamtalela ngakasi kwemdoni, eyambe live.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 82

Zidlupha. Yise wayehlabana ate afakwe iminyezane ngekuhlabana kwahe. Yitidlupha leto.

Nabile. Nina wayehlala ethwishikile nje engasebedi, ekhwelwe
177 yibuvila bahe.

Mdumukelwa. Nina wafike waliwa ewumshakati. Bonina bamhleba bamnyibela, bemshiya ngemoya. Bahlamuka. Wayesetala ufwana wamcamba ngaso leso sici.

Mabizwa. Injoda yahe yayithi ingaya kokwelapha, ufati angahlali ehaya. Abedle kwekuthi unyeni wahe wayembitile wathi ate afike kuyena laha elapha hona. Kani uthetho, ufati ayi lanjeli injoda.

Nqakamatshe. Nina ngebuvila bwahe wayengasebedi. Ahlale ehaya adlale kunqakamatshe, bafati labamwe babe beyolima.

Nomashinga. Nina wayetishayela kumunu lomcalayo. Eyilishinga. Ingane yacambwa ngaleso sici.

178 Sithuphana. Wacambwa ngekumila kwahe. Wayemfushane njenge sithupha sisifushane kune minwe yesandla.

Ziwedu. Watalwa kuhona tibelu temoya. Tivunguvungu.

Ntunja. Watalwa yimunu lomncane bemhalela emithi bethi oyitala kanjani ingane naye emncane kangaka? Yophumaphi, nje?

Sisu. Nina wayenesisu lesihulu ekhulelwe. Banu beloku bebabata bethi, Hhawu! Saba sihulu sisu!

Geshenge. Watalwa ihloko yahe iyisilendu, inencegela, kani futhi uqhube siphongo ngembili. Wayesecambwa lofwana ngekuthi uGeshenge ngaleso sici.

179 Hloyile. Lofwana watalwa tinjebe tenomo wahe tingalingani. Lolujebe lolungetulu luluhulu. Lolungedasi lushone ekhathi lwafumbathwa yilolungehla. Sengathi unomo wahloyile inyoni, sewulungele kucosha litinyane leyuku.

Nomafusi. Nina wayethanjiswa mifino. Ehlala emafusini ekha ucadolo nembuya ~~xxx~~ nemsobo, nemifino yoha lekemafusini Emtini baloku bembona egobe emafusini. Watala inombi, bathi uNomafusi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 84

Thangweni. Lofwana nina wamtalela eluthangweni efika. Inomba yahe yakhandanisa abe esaba nathuba lekufinyelela endlini. Ingane yacambwa ngaleso sici.

Bidlanga. Lofwana wacambwa ngesici soba nina wayengasivi nesisu. Elula esebeda kahulu kwate kwaba yilusuku lekubeletha. Wabuya endle ngobe esetotala ehaya.

Ntengenyane. Nina walofwana wayeyilivila, ehlulwa nayikutenwaya. Emtini bate babona kwekuthi uyintentemisa intengantengane songathi yingane yinjodakati.

183 Nomthimba. Watalwa ngamdlange yise eshada nefati wesibili. Wathi ungena mthimba wayetala ufati lomjala.

Siqhiphu. Wacambwa ngesimilo sahe, watalwa emfishane. Tishwana tilaha, nemajolo nemathanga. Kuyisinqamwana sesiva. Kwasekuthwa uSiqhiphu ngaleso sici, ke.

Mxwebuli. Watalwa ngesihathi yise eyambile wayoxwebula [illegible] imbelekisane.

Mtitinywa. Watalwa ngesihathi kuhona munu nowayethi ukhendla uthi wetinombi kumunu, wamtawula ngelubangalala kani, lomunu uyisishimane. Kuthi esuku ayambe ema eminyango yetindlu tebanu. Anele kuphuma mnwamtane eyochama,

184 aphambane naye. Aphuthume kufati, endlini. Ufati ababate ethi kojwa yini yise wetingane tami? Kani ngeke ngisalala uwena nohla? Iyangena injoda isiphambana naye esebaleka ekade ekususile loko kufati. Iyacale ithi injoda "Uphi? Uphi?" Kaje ebalekile waya kunomumwe muti, wayokweja kona loko.

Nondlondlo. Wachanguta ceje wafike waba yiluhlanya emtini nina. Wababa ha! Washaya nenjoda yahe ekhulelwe. Watala inombi yacambwa ngaleso sici, ngoba nina wayefwana nenjoka yona ingakhethi nekuthi iluma bani.

Ntombizale. Kwenja inombi yakenyanyadu yenjela eMampondweni yafike yedlulisela mshakati we, mkhuluwe ngekukhothita Ninatala wathi, Hhayi mina ngithanda tinombi tale enyanyadu. Wayesetibula nga ntombizale!

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

649

185 Mankuntu. Watalwa ngamdlange nina eceje kunameka lilawu lahe walithi phaqa, kwathi nkuntu! Ngisho nemoya awabe usangena.

Mdlelwa. Nina wayedliwa wumkhuluwe wahe. Kuthulwe nje, banu besaba injaba iyiyulu. Yise wayicamba ingane yahe wathi uMdlelwa.

Nobangoma. Watalwa ngamdlange kuye kosina bangoma, benemjadu wabo.

Ganana. Yise nenina baganana befwanana ebusweni. Banu beloku bethi, "Bate baganana banu bafwana.

Ends S.649

K13/27 85+1=86

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.